# UKUPHILA

Asibe silokhu simile umzuzwana nje manje ngomkhuleko. Singakhothamisa amakhanda ethu.

2 Nkosi ebusisiweyo, siyaKubonga, Nkulunkulu, ngalokho Osenzele khona, nokuthi inhlanhla yaKho enkulu yethu esinayo manje ukubuya ukuzokhonza Wena kulobubusuku. Futhi sizoKucela ukuba uhlangane nathi ngendlela engejwayelekile futhi ubusise izinhliziyo zethu njengoba sihlanganisa ukukholwa kwethu ndawonye. Futhi sizocela kulobubusuku uma bekuyobakhona abanye abebeyoba phakathi kwethu ongenayo lenhlanganyelo enhle kakhulu kanye naWe, kwangathi lobu kungaba ubusuku ukuthi zonke izono zabo zizoba ngaphansi kweGazi, futhi bazokwazi ukujabulela lezizinhlanhla esizijabulele ngokubonga kakhulu.

3 Futhi sizocela ukuthi Uzobuyisa labo abake bahlanganyela naWe futhi balahlekelwe yileyonjabulo. Kwangathi bangazi ukuthi kukhona u—uBaba onothando Obathandayo futhi omile, elindile izingalo zaKhe zeluliwe ukwemukela abanjengabantwana baKhe abazulazulayo abayobuya.

4 Yiba nomusa kulabo, Nkosi, abadinga kakhulu ukuphulukiswa kulobubusuku. Kwangathi uMoya oNgcwele waKho nje ungaphulukisa imizimba yabo egulayo. Futhi kukhona abanye mhlawumbe, lapha, Nkosi, ongakaze amukele uMoya oNgcwele waKho namanje. Futhi sikhulekela ukuthi Uzobapha kulobubusuku, Nkosi, uMoya oNgcwele waKho ukuba bahlanganyele ngaseZwini laKho. Siphe khona, Nkosi.

5 Ngiyadinga mina uqobo, ngidinga kakhulu, Nkosi, ubusuku obungamashumi amabili-nokuthile bokushumayela okulandelanayo nomphimbo wami ukhathele futhi ukhandlekile, futhi ngiyakhuleka ukuthi Uzonginika usizo, nengqondo iba buthuntu emahoreni omshikashika ensimini. Manje ngisize, Nkosi, futhi kwangathi ngingakwazi ukusho lokho okuyothokozisa emehlweni aKho. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

6 Ningahlala phansi. Ngiyabonga. Ngijabule kakhulu kulobubusuku ukubona lezizethameli ezinhle zabantu ngoMsombuluko ebusuku, nobunemvula, ubusuku obubi. Niyazi, ezansi eningizimu, imvula encane noma isimo sezulu esincane sithi ukuvimbezela abantu kangako, kodwa akubonakali kukukhathaza.

7 Futhi ngijabula kakhulu ukuthi iNkosi yethu ibihlangana nathi ebusukwini obumbalwa obedlule, futhi ikakhulukazi ezinkonzweni zokuphulukisa, futhi inikeza ukunqoba engisanda kuba nenhlanhla yokukuzwa. UMfowethu Vayle ungitshela

ukuthi kade befakaza ngokuphulukiswa okwehlukene. O, Iyiyo ngempela!

8 Nani befundisi, nina belusi nizoqaphela emva kokuba umkhankaso usuphelile isikhathi eside, abesifazane nabesilisa bazobe beza kuwe futhi bethi, "Uyazi *ukuthi* lokho benginakho na? Angisenakho nje."

9 Phezu kwemihlangano ebusuku ngibona izinto eziningi zenzeka, kodwa nje awukwazi ukuzibiza ngokushesha ngokwenele. Niyabo? Kuyenzeka, futhi siyazi ukuthi kuzolunga, ngakho siyakuyeka nje kuhambe. Bekuyoba ngokuzenzekela kakhulu ukuba bebengakubamba.

10 Ngifunda nje ubufakazi lapha maduze nje emhlanganweni, futhi ngaphambi kokuba ngithathe indikimba yami, ngingathanda uku—ukukhuluma lokho. Futhi ngangikhulekela abanye abantu, futhi kwakukhona inenekazi elakhuphukayo elalinenkathazo yesisu, futhi yayiyimbi kakhulu. Ngicabanga ukuthi odokotela babelitshelile ukuthi baze badingeka ngisho ukuba balithekelise ngegazi ngenxa yezilonda zangaphakathi ezazibihlike esiswini salo. Lalilibi kakhulu, futhi lapho kwakuyisilonda sangaphakathi esisengxenyeni yokuqala yamathumbu amancane, lolo uhlobo olubi kakhulu. Ngakho embonweni, iNkosi yatshela owesifazane ukuthi izinkathazo zakhe yayiyini, nalokho ayekwenzile, futhi—futhi khona-ke emva kokuba sekuphelile, wathi wayekholwa.

11 Futhi manje, lokho kulungile, bhekisisani lokho, niyabo, bese nithi, "INkosi ikubusise, futhi kwangathi iNkosi ingakuphulukisa," asikazi, okwamanje. Kodwa khona manjalo kwashintsha futhi kwabuya no, "ISHO KANJE INKOSI." Lowo ngumbono ubona ukuthi kuzoba yini; omunye ubona obekukhona, omunye ubona ukuthi kuzoba yini. Futhi izikhathi eziningi ngibona ukufa, kodwa angisho lutho neze ngakho, ngaphandle uma ngazi ukuthi kuzokwenzeka, ngoba ngezinye izikhathi ukufa bekungamenyezelwa kuwe, futhi nokho, umkhuleko ungakuguqula lokho. Niyakwazi lokho na?

12 Kwenziwa emiBhalweni. Ngenkathi uHezekiya elele efa, u-Isaya . . . Nike nacabanga ukuthi lowomprofethi kufanele ukuthi wazizwa kanjani na? Ngenkathi enyukela lapho ethi, "ISHO KANJE INKOSI: Uzofa. Awuphumi embhedeni." Futhi wayengumprofethi weqiniso.

Waphumela ngaphandle kwekamelo, nakho kumi umuntu odumileyo wesigodlo, futhi, "O, mprofethi omkhulu, kuzokwenzekani enkosini yethu na?"

"ISHO KANJE INKOSI: Izofa."

Aphumele emasosheni e—emagcekeni, emagcekeni esigodlo, namasango, "Ithini, o, mprofethi, iNkosi enkosini yethu enkulu na?"

"ISHO KANJE INKOSI: Izofa, ayehli embhedeni."

Kwase kuthi-ke kuphumela ezitaladini kubantu abampofu, "O, mprofethi omkhulu, ithini iNkosi ngenkosi yethu ethandekayo na?"

"ISHO KANJE INKOSI: Izofa." Kwehlele endlini yakhe encane.

13 UHezekiya wayesephendulela ubuso bakhe odongeni, wakhala kamunyu, wathi, "Nkosi, ngiyaKuncenga ukuba unginake, ngokuba ngihambile phambi kwaKho ngenhliziyo ephelele." Lobo ngubufakazi ngempela, akusibo na? "Futhi ngicela iminyaka eyishumi nanhlanu kade yempilo."

14 Manje, ubani owayeyindoda enkulu kunabo bonke esizweni na? Inkosi. Kwakukhona inkosi enkulu yasemhlabeni ikhuluma neNkosi enkulu yaseZulwini, manje, kungani iNkosi ingashongo kuye, "Kulungile, Hezekiya, ngiyasizwa isicelo sakho"?

15 Kodwa, niyazi, uNkulunkulu unezindlela zokwenza izinto, futhi sifanele sibambisane nezindlela zaKhe zokukwenza. UHezekiya akazalwanga kulesosikhundla, ukuba iNkosi ikhulume naye kanjalo, ngakho iNkosi ibuyela emuva yehlela endaweni lapho umprofethi ayehlezi khona, yathi, "Hamba, umtshele ukuthi ngiwuzwile umkhuleko wakhe, futhi Ngizomgcina iminyaka eyishumi nanhlanu."

16 Lokho okufanele ukuthi lowomprofethi wakucabanga ebuyela phezulu lapho, "ISHO KANJE INKOSI: Uzophila. ISHO KANJE INKOSI: Uzophila!"

"Uthini ngakho, mprofethi na? Ubuyelelani emuva na?"

"ISHO KANJE INKOSI: Manje usezophila."

17 Yini eyenza lokho na? Umkhuleko uguqula izinto zisuke ekufeni ziye ekuphileni. Kuhlala kwenza njalo.

18 Futhi ngenkathi iNkosi isimemezele kulona wesifazane omncane ukuthi wayezophila, waphulukiswa, awu, waphumela ngaphandle ebonga iNkosi. Ngakho wacabanga ukuthi wayengaqhubeka nje, abe kahle, futhi uyahamba futhi uzama ukudla. O, ngabe wagula! Ngakho manje-ke ezinsukwini ezithi azibe mbili, kwaqhubeka kuya ngokuba kubi kakhulu, futhi wayezama ukudla, akuphoqe kwehle kuye, akuhlanze, opha. Ngakho wathi . . .

19 Abantu komakhelwane baqala ukucabanga emva kwamaviki athi awabe mabili . . . Nomyeni wakhe wathi, "S'thandwa, ngikholwa ukuthi wena ufakaza kanjalo, uzoletha ihlazo phezu kwembangela kaKristu."

20 Futhi wathi kumyeni wakhe, "Uma leyondoda ime lapho, indoda nje ephansi kokuphefumulelwa, futhi yangitshela izinto engizenzile empilweni yami, yangitshela ukuthi yini eyabangela isilonda sangaphakathi nokuthi kwenzekani kuso, nokuthi

sasikusiphi isimo, futhi yangitshela, 'ISHO KANJE INKOSI,' umbono wakhombisa ukuthi ngangizosinda, ucabanga ukuthi bengiyokungabaza lokho na?" Wathi, "Ihlazo noma akusilo ihlazo, bekuyoba yihlazo kakhulu kimi ukukungabaza!" Wayeqinisile kanjani!

21 Futhi ngokunye ukusa kamuva, ngiqagele, amaviki amahlanu noma ngaphezulu, amaviki amane noma amahlanu, ngiyakhohlwa nje ukuthi wathini, wayegeza izitsha ngokunye ukusa, abantwana babeye esikoleni, futhi khona manjalo waba nomuzwa oxakile ngempela umshaya. Wacabanga, "Kuyini lokhu na?" Wazizwa ebusisekile ngempela. Ngakhoke wacabanga, "Awu, mhlawumbe yiNkosi nje ingibusisa." Wayengowesifazane ongumKristu okahle kakhulu, owesifazane osemusha cishe eneminyaka engamashumi amathathu nento. Futhi walamba ngempela, futhi wathi, "O, ngingathanda kanjani ukudla ucezu oluncane nje lwesinkwa esithosiwe!" Futhi wahlala phansi futhi udla isinkwa esithosiwe. Emizuzwaneni embalwa nje uyakhuphuka, ngabe wakwenza, kodwa ngalesosikhathi kwahlala phansi, wazizwa ekahle.

22 Awu, wacabanga, "Uyazi uma lokho kunjalo, ngikholwa ukuthi ngizodla nje enye yale-othi lapha abanye babantwana abayishiye emapuletini abo." Ngakho uhlala phansi, udla i-othi. Manje, niyazi ukuthi ukudla kwe-othi bekuyokwenzani esiswini esine-asidi. Futhi walinda cishe imizuzu eyishumi nanhlanu noma amashumi amabili, futhi akuzange kumkhathaze, ngakho wahlala phansi futhi waba nejubili lakhe lokudla okumnandi langempela, wathosa amaqanda akhe, wazitholela inkomishi yekhofi, wakujabulela ngempela nje. Futhi walinda cishe imizuzu engamashumi amabili noma amashumi amathathu, futhi ngokwejwayelekile emizuzwini emihlanu wayesekuphalazile.

23 Futhi wazizwa ekahle kakhulu, wathi, "Uyazi, angikwazi nje ukugcina kimi lento enhle." Ngakho washo wehla ngesitaladi waya kumakhelwane owayekade ekhulekelwe ubusuku obufanayo, owayenesimila eceleni kwentamo yakhe. Awu, umyeni wakhe wayesethathe umhlalaphansi, babevuke sekuleyithi. Futhi ngenkathi efika endlini enjalo iminyango embalwa ngaphansi kwakhe, wacabanga ukuthi babeneSalvation Army phakathi lapho, akakaze ezwe ukumemeza okungako nokuqhubeka kuyo yonke impilo yakhe. Wacabanga, "Awu, yini engalungile na?" Uyagijima wangena wayesethi, "Lydia, yini indaba na?"

24 Wathi, "O, Bertha, ngifuna ukukutshela! Ngisanda kuvuka, bengilele lapho, kade siphapheme isikhashanyana, ngezwa umuzwa oxakile ngempela, futhi sesinyakazise ngisho namashidi embhedeni, asisitholi lesosigaxa, sesihambile."

25 Awu, wamxoxela indaba yakhe. Futhi nje bathola

ukushisekela kakhulu, futhi—futhi bazitholela omunye komakhelwane, futhi beza komunye wemihlangano yami owawuqhele cishe ngamamayela ayinkulungwane, futhi banikeza ubufakazi.

26 Manje, kwenzekani na? INgelosi kaNkulunkulu, Eyayimemezele lesosibusiso yayedlule komakhelwane isiqinisa, niyabo. Ukuba-ke babephele amandla na? Ningapheli amandla. Uma ukholwa, hlala nakho, uNkulunkulu uzokufezekisa. Niyabo?

27 Ngezinye izikhathi uNkulunkulu akazenzi izinto ngokuzenzekelayo. Bangaki owaziyo ukuthi uDanyeli wakhuleka, futhi kuthathe, ngikholwa ukuthi kwakuyizinsuku ezingamashumi amabili-nesishiyagalombili, iNgelosi yathi, ngaphambi kokuba ifinyelele kuye na? Ngabe kunjalo na? [Umfowethu uthi, "Amashumi amabili-nanye."—Umhl.] Izinsuku ezingamashumi amabili-nanye, kunjalo, ngiyabonga, mnumzane, izinsuku ezingamashumi amabili nanye. Izinsuku ezingamashumi amabili nanye ngaphambi kokuba afike lapho, kodwa Wamuzwa.

28 Futhi ngaso sonke isikhathi lapho uya kuNkulunkulu ngokukholwa, uNkulunkulu uyakwazi. Niyabo? Nje ungakhathazeki, gcwala ngempela ukukholwa futhi nje uqhubeke ukholwa.

29 Manje, kulobubusuku ngizozama, uma iNkosi ithanda, ukukhuluma ngohlobo oluncane lokuvangela lomlayezo lokho kubonakala kusenhliziyweni yami. Nginitshelile ukuthi bengizokhuluma kulobubusuku ngokuthi: *UMnqobi Onamandla*. Ngumlayezo engawushumayela kanye ngaphambili ndawondawo. Ngikholwa ukuthi kwakuseningizimu, futhi nje anginalo lelophimbo elingako lokukwenza. Ngakho, nizongithethelela ngokwenza lesosithembiso, futhi ngiyakhuleka ukuthi uNkulunkulu uzokwenza, ngoba anginalo iphimbo lokukwenza. Akusikho ukuthi nginomkhuhlane, lobu ubusuku obungamashumi amabili-nanye obulandelanayo ngqo.

30 Futhi akekho owaziyo ukuthi leyomibono ikwenzelani, ivele ikudabule ube yizicucu. [UMfowethu Branham ulungisa umphimbo wakhe—Umhl.] (Uxolo.) Mhlawumbe ngaphambi kokuba ngenze lokho, ngenkathi siseyiqembu elincane nje kulobubusuku, ngingathanda ukuzama ukuchaza ukuthi lokho kuyini, ngokwazi kwami okwedlula konke. Ningathanda ukuzwa okwami, ukuthi ngicabangani ngakho na? Kulungile. Sizokuthatha nje esimweni somntwana.

31 Kunokhona umgubho omkhulu ofika edolobheni, futhi kukhona lamadoda amabili abukeka enamandla ehlezi lapha, nami, noma, ngimi lapho, kodwa asinayo imali yokungena futhi sibone umbukiso. Futhi kuyenzeka ukuthi bangamafishane, amadoda anamandla abengapakisha amanzi ezindlovu,

futhi ngiyindoda ende, ezacile, futhi—futhi a—angikwazanga ukuthwala lawomabhakede amakhulu amanzi.

32 Awu, kwenzeka kube yilapho esimi khona imbobo eseplangweni phezulu le phezulu. Manje, labo abancane, abafo abafishane babengeke neze bakhuphukele lapho ukuba babuke ngaleyo mbobo eseplangweni, kodwa ngangingakwazi. Niyabo, uNkulunkulu wenza wonke umuntu ngendlela nje Amfuna ngayo; ngijabula kakhulu ngalokho.

33 UbuKristu busekeleke ekuvukeni, siyakwazi lokho. Hhayi. . . Awu, uma wehlela lapha emhlabeni njengowesifazane onekhanda elimnyama, uyovuka ungowesifazane onekhanda elimnyama. Ungeke uvuke. . . Wena uthi, "Awu manje, uma kuyilokhu okwehlayo, ekuvukeni lokho okufanayo kuzofanele kukhuphuke." Hhayi ukuthatha *lokhu*, futhi. . . lokho ukufaka esikhundleni, lokho akusikho ukuvuka. *Ukuvuka* ngukwenyusa uJesu ofanayo owehlayo, uMuntu ofanayo.

34 Niyabo, uNkulunkulu, Akayona iSears neRoebuck's Harmony House, uNkulunkulu unezinto, UnguNkulunkulu wezinhlobonhlobo, Uthanda abantu abanekhanda elibomvu, abanekhanda elimnyama. Kubukeka kanjalo nje ezansi eningizimu, babekuqonda lokho mayelana nokwehlukana. UNkulunkulu wenza abantu baba mhlophe, Wabenza baba mnyama, Wabenza baba phuzi, wabenza babansundu, bayeke kanjalo. Wenza izimbali ezibomvu, izimbali ezimhlophe, izimbali eziphinki, Wazenza ukuba zi. . . Wenza izintaba ezinkulu, izintaba ezincane, izingwadule, amahlathi, izihlahla ezinkulu, izihlahla ezincane; Wenza izinto ngendlela *A*funa ngayo. Futhi yileyondlela yokukushiya kanjalo, uhamba uphazamisa imvelo, uyayiphendukezela, yishiye nje ngendlela eyiyo, ihlala njalo ingcono.

35 Futhi kulomgubho omkhulu ngenkathi ngibuka ngalembobo eseplangweni, manje, nansi indlela engifanele ngikwenze ngayo. Ngigxumela phezulu le, futhi ngithathe izandla zami, futhi ngiyibambe futhi ngiqinise, ngibuka phakathi, ngabuyela phansi.

"Uboneni, Mfowethu Branham na?"

"Indlovu."

"Ngabe yilokho kuphela okubonile na?"

36 "Manje, uya kuphi, Mfowethu Branham na?"

37 Nakhu okuyikho: Ngenkathi uJesu esemhlabeni, WayenguNkulunkulu ebonakaliswe enyameni. SinoMoya ngezingxenye, Wayenawo ngaphandle kwengxenye ethize, konke ukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba kwakuhlala kuYe. Wayengesuye nje uMuntu kuphela, WayenguNkulunkulu.

38 Kunabantu abaningi kakhulu namhlanje othanda. . . Ngifuna ukuma lapha umzuzu nje ngaphambi kokuba

ngifinyelele kulendaba. Kunabantu abaningi kakhulu ofuna nje ukuMenza umprofethi; Kuphakathi kokuthi wayenguNkulunkulu, noma umkhohlisi omkhulu kunabo bonke izwe elake laba naye.

39 Bengikhuluma nowesifazane lapha esikhathini esingeside esedlule obe. . . Angizisho izinkolo zabantu, kodwa nizokwazi ukuthi iyini ngalokho engikushoyo. Bazisho ukuthi bayakholelwa ekuphulukiseni, kodwa abakholwa ukuthi uJesu wayengengaphezu nje kwesazi sokudabuka kwezinto, futhi lelo yivangeli lenhlaliswano. Bathi, “Wayeyindoda elungileyo, wa—wayengumfundisi olungileyo, kodwa wayengesuye onobuNkulunkulu.” Ngani, Yena, impela, WayengonobuNkulunkulu! WayenguNkulunkulu wabaprofethi.

Lelinenekazi lathi kimi, lathi, “Mnu. Branham, uma. . . Uqhosha kakhulu ngoJesu.”

Ngathi, “Ngiyahluka kuwe, angikwazi ukuqhosha ngokwenele.”

Lathi, “Uma ngifakazisa kuwe ukuthi wayengelutho kodwa umuntu. . . Umenza abe ngonobuNkulunkulu.”

Ngathi, “WayengonobuNkulunkulu.”

“O,” lathi, “wayenguthisha.”

Ngathi, “WayenguNkulunkulu.”

Futhi lathi, “Uma ngifakazisa kuwe ukuthi wayengelutho nge. . . kodwa umuntu ngemiBhalo, uzokukholwa na?”

Ngathi, “Uma umBhalo usho njalo.”

Futhi lathi, “UJohane oNgcwele isahluko 11, ngenkathi uJesu ehlela ethuneni likaLazaru, iBhayibheli lathi wakhala izinyembezi.”

Ngathi, “Kunjalo. Lokho kuhlangene ngani nakho na?”

Lathi, “Awu, uma wayekhala izinyembezi, wayengumuntu.”

40 Ngathi, “Wayengumuntu ngenkathi Ekhala izinyembezi, kodwa ngenkathi Emi ngakulelothuna lapho umuntu wayesenezinsuku ezine efile wayesethi, ‘Lazaru, phuma,’ futhi umuntu kwase kunezinsuku ezine efile wama ngezinyawo zakhe wabuye waphila, lowo wayengaphezu komuntu.”

41 Wayengumuntu ngenkathi Ehla entabeni, njengoba sishumayelile izolo ebusuku, elambile, efuna okudliwayo, Wayengumuntu, kodwa ngenkathi Ethatha amabheskidi amahlanu neziqephu ezimbili zezinhlanzi futhi wapha izinkulungwane ezinhlanu, lowo wayengaphezu komuntu. Kunjalo.

42 Wayengumuntu ngenkathi Elele ngemuva kwalowomkhumbi omncane ngobunye ubusuku, ephonswa ngapha nangapha njengesivalo sebhodlela esiphephweni, odeveli abayizinkulungwane eziyishumi basolwandle bafunga

ukuthi babezoMminzisa, Wayekhathele kakhulu futhi ekhandlekile kwaze kwathi ngisho namagagasi awaMvusanga, Wayengumuntu ngenkathi Elele, kodwa ngenkathi Ebeka unyawo lwaKhe phezu kwentambo yokudonsa yalesosikebhe, wabheka phezulu wayesethi, "Thula, uthi du," namagagasi aMlalela nemimoya yaMlalela, lowo wayengaphezu komuntu.

43 Wayengumuntu ngenkathi Ekhala eKalvari, "Nkulunkulu waMi, UNgishiyeleni na?" Wayengumuntu ngenkathi Efa, kodwa ekuseni ngePhasika ngenkathi Ephula uphawu, futhi wagingqa itshe, wabuye wavuka, Wafakazisa ukuthi WayenguNkulunkulu.

44 UNkulunkulu wayeseNdodaneni yaKhe, WayenoMoya ngaphandle kwezingxenye, sinaWo ngengxenye. Kodwa uma uthathe idipha elincane lamanzi kulo lonke ulwandlekazi, amakhemikhali afanayo elisolwandlekazi lizoba semanzini, idipha ligcwele.

45 Ngakho qaphelani, ngenkathi uNkulunkulu efuna ukusebenzisa isiphiwo saKhe, Wathi kuJesu. . .Manje, khumbulani, Wathi, "Angenzi lutho ubaba waMi aze aNgikhombise ukuthi ngenzeni, Ngibona uBaba enza," uJohane oNgcwele 5:19. Nikufundile selokhu saba semhlanganweni na? UJohane oNgcwele: "Ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, kodwa lokho Ebona uYise ekwenza, lokho iNdodana iyakwenza."

46 UYise waMthuma wasuka endlini kaMarta, noMariya, uLazaru, futhi Wathatha uhambo. Futhi bathumela kuYe ukuba afike ngenkathi uLazaru egula, Akakunakanga, waqhubeka. Bathumela futhi, futhi Akakunakanga, waqhubeka. Futhi ekugcineni Waphenduka, Wayesethi, "ULazaru ufile. Futhi ngenxa yenu, ngiyajabula ukuthi bengingekho lapho." Kungani na? Wayazi ukuthi kwakuzokwenzekani. Wathi, "Kodwa Ngiyahamba ngiyomvusa."

47 Mbhekisiseni ethuneni: "Baba ngiyaKubonga ukuthi Usuvele uNgizwile, kodwa nje ngalaba abami eduze Ngikushilo.

"Lazaru, phuma." Naleyondoda yama ngezinyawo zaKhe yabuye yaphila.

48 Akazange asho lutho ngokuba buthakathaka, amandla esuka kuYe, kodwa ngenkathi owesifazane ethinta ingubo yaKhe, Wathi, "Amandla aphumile kimi." Okuyisimangaliso esikhulu kunazo zonke: Ukuvusa umuntu efile izinsuku ezine, noma amise udaba lwegazi kumopho na? Omunye wabo waMenza waba buthakathaka. Kungani na? Kwakungesuye uNkulunkulu esebenzisa isiphiwo saKhe, kwakungowesifazane esebenzisa isiphiwo sikaNkulunkulu. Niyabo? Ngalendlela uBaba wayeMkhombisile ukuthi akenzeni, Wahamba futhi wakwenza; nalena enye indlela kwakungowesifazane.

Manje, Akazange athi, "Ngibone umbono, uzosinda." Wathi, "Ukukholwa kwakho kukusindisile."

49 "Ukukholwa kwakho: Hhayi lokho uBaba aNgikhombise khona, kodwa lokho okwenzile." Yilokho okwaMlimazayo.

50 Manje nakhu: Kulungile, gxuma uye phezulu, buka; yilokho owesifazane akwenzayo, kuyadonsa, kuyakhandla. Omunye uza emsamo, ame lapho, uyakhandleka, kuyisiphiwo. Ubani okusebenzisayo na? Hhayi mina, nguwe, nguwe okwenzayo. Futhi uhlala lapho, uthi, "Ngiyakukholwa lokho," phansi enhliziyweni yakho ukusho ngempela, khona-ke lokho kudonsa amandla okuqina.

51 Kwenzekani na? Ngiyadonsa, "Unomdlavuza." Kunjalo. Niyabo? Bese ngiyaqalaza. Namanje awukukholwa, ucabange ukuthi ngikuqagelile. Niyabo? Awu, ngizodingeka ngibuyele emuva futhi. Ngiyagxuma futhi, "Kanti nawe uneTB. Whewu!" Kunjalo. Niyabo? Aku—akugxumi, akusebenzi phakathi kwabantu baseMelika, njengoba kwenza kwezinye izindawo.

52 Ngesinye isikhathi kanjalo e-Afrika, eNdiya, yonke... bavele nje banqwabelanise izinduku zabo zokuqhugela, nezinto, futhi baqhubeke, bakubonile, bayakukholwa. Niyabo? Kodwa siyamangala, "Kumayelana nani konke na?" Niyabo, yilokho okungibulalayo kulemihlangano yaseMelika. Niyabo?

53 Awu, buyela emuva futhi, kubambe ngomunwe wakho, kancane nje ngingabuka ngembobo eseplangweni njengoba kwakunjalo, umbono, "A, unguNkosazana *S'bani-bani*. Uvela...A! Yebo, ya." Kunjalo. Hamba unqamule emsamo. Usuvele ubuthakathaka. Niyabo? Manje, yileyondlela okusebenza ngayo.

54 Manje, kuthiwani uma uhlezi ehhotela, njengoba kusanda kwenzeka nje, noma kwenye indawo, futhi nakhu kufika umphathi weringi manje ngaseringini, uthi, "Ubukani na? Ufuna ukubona ngaphakathi na?" Angiqukule, bese ethi, "Nakhu-ke," enkulukazi, indoda enamandla, "uyawabona lamathende abekwe ngapha na? Behlela lapha futhi benze *lokhu*, ku*ngapha*, nga*le*ndlela, nga*leyo*ndlela." Ngani, ngihlezi nje esandleni sakhe, ngihlale phansi, ngiyazi ukuthi kwenzekani ngaphakathi. Niyabo? Wangiphakamisa. Kungaleyondlela lapho imibono ifika nje ngendlela uNkulunkulu afuna ukuyisebenzisa ngayo. Uma Ethi, "Hamba uye endaweni ethile..."

55 Lapha maduze nje, ukubonile ephepheni lakho. Ngiqagele kwakukwi-Associated Press, mayelana nesimangaliso, indoda eDenver, babengazi ukuthi yini...isimangaliso esiyimfihlakalo. UNkulunkulu Owaziyo! Ngangisekamelweni lami, ngabona indoda lapho okwakukhona iwashi elikhulu, futhi Yayisesihlalweni esinamasondo, sasinswininiza, ngabuka iwashi lasodongeni elidala futhi kwakuyimizuzu eyishumi ncamashi

nje emva kwehora lesithathu, futhi ngangimi ngasesitolo sezinto sikasheleni, futhi ngi . . . Kwathi, "Sondela kuleyondoda."

56 Kwase kuthi-ke ngenkathi ngisondela eduze kwayo, yayiphethe iBhayibheli, ineBhayibheli ngesandla sayo, njalo, futhi ngayibuza ukuthi iyaLikholwa yini, yathi, "Yebo." Futhi ngayibamba ngesandla, ngayiphakamisa, yaphulukiswa. Ngabona indlela yokusuka.

57 Wayesefika-ke, ngabona i—i—ingane, yayilele, ifa. Nodokotela wayephumile, ngaqaphela ukuthi wangena emotweni empunga, wayenamadevu, futhi kwakukhona isango lapho, khona impela emva kwesango kwakubekwe igeja. Ngangibeke isigqoko sami phezu kwetelevishini lapho ngingena ekamelweni, kwakukhona inenekazi eligqoke ijezi elibomvu, omunye enebhantshi elinsundu, babekhala izinyembezi, Wayesethi, "Yana ngale enganeni." Futhi ngahamba, ngabeka izandla enganeni, yasinda.

58 Ngenkathi ngiphuma embonweni, ngangena, ngathi kumkami, "S'thandwa, buka phansi, uma ubona noma yini ngengane, noma ngendoda esesihlalweni esinamasondo ebhalwe phansi lapha."

"Qhabo."

59 Ngashayela ihhovisi ucingo, "Mangaki amathikithi endiza eliphakathi ezansi lapho na?"

"O, amahlanu noma ayisithupha."

"Afundeka kanjani na?"

60 Bangitshele nga*le*ndlela, woza *lapha*, noma *lapho*; angizwanga kuzwa lutho. Awu, ngakuyeka kwahamba cishe, ngiqagele, amaviki amabili noma ngaphezulu, emva kwesikhashana, indoda yayingithumelele ithikithi ukuba ngize eDenver, futhi lapho sengiwelele eDenver, ngazizwa ngiholeleka ukuthi ngifanele ngiye eDenver, ngahamba, ngakhulekela indoda. Angazi ukuthi kwenzekani kuyo, ngavele ngaya ngale nje, yayiludaba lwesifo sofuba, yayiphandle lapho, kade isesikhungweni sabanezifo ezihlala isikhathi eside, isosha.

61 Ngakho ngacabanga, "Awu, ngizolinda nje manje, silapha edolobheni futhi kuzoba ligamenxe elesihlanu ngaphambi kokuba ngihambe ngebhanoyi, ngakho ngizoqalaza ngaseDenver."

62 Futhi ngakho, ngangihamba ngehla ngesitaladi, ngithi nje ukuhambahamba *kanje*, futhi khona manjalo ngezwa owesifazane ekhala, ngase ngibheka phezulu, ngase ngibona udokotela ephethe isikwama sakhe esincane sodokotela esandleni sakhe, wathi, "Sawubona," wayeseqala ukuhamba ephuma.

63 Ngacabanga, "Ngike ngayibona leyondoda ndawo ndawo. Amadevu, isudu empunga, leyomoto, futhi iyaphuma, isango."

Futhi ngangisondele impela, phakathi cishe kwamafidi ayishumi kuyo, yabuka ngale, ngathi, “Sawubona, Dokotela?”

64 Yathi, “Sawubona?” Yama, yaphenduka, ngacabanga . . . ngiqagele, yazibuza ukuthi ngazi kanjani ukuthi yayingudokotela. Awu, nganginesineke. Ayizange isho lutho, yangena emotweni yashayela yahamba.

65 Ngacabanga, “Nkosi, uma lelogeja lilele emva kwesango, yilokho-ke.” Ngase ngiwelela lapho ngase ngibuka, nakho kubekwe igeja, kwakuyilokho-ke. Ngahamba ngenyuka ngezitebhisi, ngangqongqotha emnyango, inenekazi liza emnyango, lalifake ijezi lalo elibomvu, ngase ngithi, “Unengane egulayo enenyumoniya na?”

“Yebo, mnumzane.” Futhi lathi, “Udokotela uthe nje bekungekho mathemba ngakho.”

Ngathi, “Ngingumfundisi, igama lami nguMnu. Branham. Uyangazi, noma uke wezwa ngami na?”

Lathi, “Qhabo, mnumzane, angikholwa kanjalo.”

Ngathi, “UngumKristu na?”

Lathi, “Qhabo, mnumzane, asiyiwo, asiyi esontweni.” Lathi, “Besifanele, ngiyazi.”

Ngathi, “Ngingangena futhi ngibe nezwi lomkhuleko ngengane yakho efayo na?”

Lathi, “Impela ungakwenza, bengiyokujabulela ukuba ukwenze, mnumzane.”

66 Ngahamba ngangena, kodwa kwakungekho-nenekazi lapho eligqoke ibhantshi elinsundu. Ngabeka isigqoko sami phezu kwetelevishini, ngalinda imizuzu embalwa. Awu, ngi . . . Lamangala ukuthi kungani ngangingeke ngikhuleke, kodwa angikwazanga ukusho lutho, ngadingeka ngilinde inenekazi eligqoke ijazi elinsundu. Manje, kulula kanjalo-ke.

67 Ngalinda lapho, ngiqagele, ingxenye yehora ngikhuluma nalo ngeNkosi, kanjalonjalo. Kwase kuthi-ke, emva kwesikhashana, kwabakhona umuntu ongqongqozayo emnyango, nenenekazi eligqoke ibhantshi elinsundu liyangena, kodwa lalifanele ngabe lihlezi ku*lelo*cala, nenenekazi eligqoke ijezi elibomvu ezansi ngaku*lolu*hlangothi, futhi kwaba ngapha nangapha indawo yabo. Noma kunjalo angikwazanga ukusho lutho baze bathola yonke into isesimweni; umbono ufanele uphelele.

68 Ngase ngithi, “Manje, nenekazi, ungahle ukuba uzibuzile ukuthi kungani ngilindile, lona ngumbono, ungahle ungakuqondi engikushoyo, kodwa nje bhekisisa ingane yakho umzuzu.”

69 Ngaya ngale futhi ngakhulekela ingane, nomfo omncane uqala ukudazuluka futhi eqhubeka. Umama wayiphakamisa,

emizuzwini eyishumi noma eyishumi nanhlanu yayidlala kwiphansi, imfiva yonke yayisukile kuyo nayo yonke into, lathatha imfiva yayo. Futhi lapho ngabaholela bobabili kuKristu kwiphansi lendlu.

70 Ngaphuma, ngaqala ngehla ngesitaladi, ngacabanga, "Ngiyabonga, Nkosi, sengiyabona manje." Futhi angihambanga kodwa ucezu oluncane, ngaze kwenzeka ngacabanga, "Wawuyini wonke lowombono na? Kwakuyinto ethize." Futhi ngenkathi ngisamile lapho, ngezwa iwashi lasodongweni lishaya ngelesithathu nqo. Futhi ngahamba ngazungeza ekhoneni ngaseceleni kwesitolo sezinto zikasheleni, futhi nakho kwakukhona lelowashi elidala laphaya kulowombhoshongo, ngacabanga, "Nkulunkulu, nginemizuzu eyishumi yokulinda khona lapha."

71 Futhi ngenkathi ngisalindile lapho, imizuzu eyishumi yafika, ekupheleni kwemizuzu eyishumi ngenkathi lifika, ngezwa into ethize inswinininiza iza, kwakuyindoda ikhala izinyembezi, ihlezi esihlalweni esinamasondo, nenenekazi liyiphusha, iphethe iBhayibheli esandleni sayo. Kuphelele, nakho lapho kwakukhona.

72 Ngathi, "Uyalikholwa leloZwi, mnumzane na?"

Yathi, "Ngayo yonke inhliziyo yami." Yathi, "NgingumKristu."

Ngathi, "IBhayibheli liyasho, lelo olifundayo, ukuthi uJesu waphulukisa abagulayo ngezinsuku zaKhe."

Yathi, "Yebo, mnumzane. Kade ngifunda lokho nje."

Ngathi, "Akasuye yini namuhla na?"

Yathi, "Yebo, mnumzane, Unguye."

Ngathi, "Uyakukholwa lokho na?"

Yathi, "Ngayo yonke inhliziyo yami."

Ngathi, "Sukuma khona-ke, Ukuphulukisile."

73 Futhi yagxumela phezulu futhi iqala ukumemeza. Ngagijima, ngadlula esitolo sezinto zikasheleni, ngaphuma, futhi ngehla ngomhubhe, ngase ngibuyela ngale, ngase ngithola itekisi, ngaphuma ngaya esiteshini. Isiqephu esikhulu kwi-Associated Press: *Ukuphulukiswa Okuyimfihlakalo EDenver*. Abakazi okwamanje. Niyabo? Yilokho-ke. Kodwa iNkosi uNkulunkulu yakwenza. Niyabo?

74 Manje, lokho akungenzanga ngibe buthakathaka nakancane, kodwa yima lapha lapho ofanele udonse khona futhi uzikhandle, niyabo, lowo nguwe usebenzisa isiphiwo sikaNkulunkulu, angihlanganise lutho naso. SingesikaNkulunkulu, akusiso esami, ngesikaNkulunkulu; ungasisebenzisa, noma Uyasisebenzisa, nakho-ke. Seniyaqonda manje na? Yilokho okwenza ubuthakathaka, futhi uma

uzobhekisisa iBhayibheli, kuqhathanise nangemuva emBhalweni futhi ubone ukuthi lokho akusilo yini iqiniso impela nje.

Asikhuleke manje.

75 Nkosi, yiba nathi manje, futhi njengoba sihlanganyela ngaseZwini, ngikhathele nje kulobubusuku, Nkosi, kul'khuni ukuba ngime lapha, kodwa ngikhulekela ukuthi Uzongisiza manje ukuba ngikhonzise iZwi. EGameni leNkosi uJesu. Amen.

76 EHubweni 63, ngifisa ukufunda okwesifundo somBhalo manje. Futhi silindele ukuphuma emizuzwini engamashumi amathathu noma engamashumi amane elandelayo.

> *O Nkulunkulu, wena unguNkulunkulu wami; ngiyakufuna ekuseni: umphefumulo wami womela wena, inyama yami ilangazelela wena ezweni elomileyo eligagadekileyo, lapho amanzi engekho khona;*
>
> *Ukuba ngibone amandla akho nenkazimulo yakho, . . . njengoba ngi*kub*onile endlini* yaKho *engcwele.*
>
> *Ngokuba umusa wakho ungcono* kimi *kunokuphila, izindebe zami ziyakukudumisa.*

77 Lalelani umprofethi lapha evesini 2:

> *Ukuba ngibone amandla akho nenkazimulo yakho, . . . njengoba ngi*kub*onile endlini* yaKho *engcwele.*

78 Kodwa indaba yami kulobubusuku ithi: *UkuPhila*.

79 Futhi ukuphila yilokho okusilawulayo, ukuphila yilokho okukunika imizwa yakho, Bese kuthi-ke, ngempilo yakho wonke umuntu uyazi ukuthi uyini.

80 Ngishumayela intshumayelo yomngcwabo maduze nje, ngathi, "Asikho isidingo sokuba ngisho noma yini ngempilo yalendoda, ngifuna ukushumayela kini ophilayo, ozofanele ahlangabezane nalokhu. Nonke, nakhula futhi naphila futhi nafa kulendawo yomakhelwane, ucabangisise kahle ngalokho obukucabanga ngaye." Niyabo?

81 Ukuphila, yini enkulu na? Amadlingozi akho enza lokho oyikho, kungukuphila kwakho. Futhi hlobo luni lwesimilo esifanele sibe yilo uma sizisho ukuthi sinokuPhila okuPhakade na? Manje, lunye kuphela uhlobo lokuPhila okuPhakade, nalokho ngukuPhila kukaNkulunkulu. Lowo kwakunguMoya omkhulu ekuqaleni, oMoya abayisikhombisa bakaNkulunkulu njengemibala yothingo lwenkosazana eyisikhombisa; umoya ngamunye uphuma kuwo, ukuphendukezela, kuyehla.

82 Igama lesiGreki lokuPhila okuPhakade livela egameni elithi *Zoe* elichaza ukuthi, "UkuPhila kukaNkulunkulu uQobo." Futhi kuyi . . .

83 Uthando lukaNkulunkulu lubizwa nge-*Agapao* okusho ukuthi, "Uthando lukaNkulunkulu." Uthando onalo ngomkakho

yi*filiyo*, uthando ifiliyo, lolo wuthando lomuntu. Nanku umehluko wakho, ukuthola kuxovekile, njengokukholwa nethemba, kuyaxoveka: uthando, uhlobo lothando onalo ngomkakho lubizwa ngothando ifiliyo, nalolothando luyokwenza ube nesikhwele, kuze kuthi uma indoda ibiyomthuka, ubuyoyidubula emikhondweni yayo, yilokho uthando ifiliyo obeluyokwenza, uyamthanda ngalolohlobo lothando; kodwa uthando lwe-Agapao luyokwenza ukhulekele umphefumulo wakhe onesono. Yilowo umehluko. Niyabo?

84 Manje, kukhona ukuphila. Kunohlobo olulodwa lokuPhila okuPhakade futhi lokho ngukuPhila kukaNkulunkulu. Futhi ngenkathi wemukela lokho, unokuPhila okuPhakade. Kodwa *ukuphila* kunezihumusho eziningi njengoba kwehla.

85 Kukhona uthando, uthando i-Agapao, uthando ifiliyo, inkanuko; niyabo, ulokhu nje wehlela phansi, wehlela phansi uye kokuphansi kunakho konke. Kodwa konke okwalokho kwakunesiqalo ngakho kuzoba nesiphelo; kodwa lezozinto ezazingenasiqalo azinasiphelo. Ngakho uNkulunkulu wayengenasiqalo, nokuPhila kwaKhe kwakungenasiqalo, futhi akuyikuba nasiphelo. Futhi uma unokuPhila okuPhakade, khona-ke awunasiphelo ekuPhileni okuPhakade, kungunaphakade. Nesimilo sakho sifakazelwa ngukuphila okukuwe.

86 Esikhathini esithile esedlule umthengi wezigqila ezansi eningizimu eminyakeni eminingi eyedlula, wadlula ethenga izigqila e. . . babeya emasimini amadala futhi babethi. . . Babeyothenga izigqila, impilo yomuntu, njengoba nje ubuyothenga imoto esike yasetshenziswa endaweni yokudayisela, othenga athengisele abanye. Futhi babehamba bayothenga lezizigqila ezinkulu, nezigqila ezinkulu eziphilile, mhlawumbe, nabesilisa, bazizalanise njengezinkomo kwabakhulu, abesifazane abaphilile, bazala ezinkulukazi, izigqila eziyizidlakela. Mfowethu, lokho akulungile!

87 Futhi lapho ngolunye usuku othenga athengisele abanye wafika ngasensimini ethile endala, futhi wathi, "Zingaki izigqila onazo lapha na?"

Wathi, "Ngaphezu kwekhulu."

Wathi, "Ngingazibuka na?"

Wathi, "Zisize."

88 Futhi wahlala usuku lonke, futhi wabhekisisa indlela yokuziphatha kwezigqila, nokuthi zaziziphatha kanjani, noma ngabe zaziyizisebenzi ezinhle, noma ngabe zazingesizo. Futhi njengoba usuku ludlula. . .

89 Niyabo, izigqila zazikude nekhaya, kude nobaba, umama, amaBhunu azithenga eJalimane, noma, e-Afrika futhi aziletha ngapha futhi azithengisa zibe yizigqila. Futhi

ngezinye izikhathi babedingeka bazibhaxabule ukuzenza zisebenze. Abathandekayo bazo wayengaphesheya kolwandle, zazingasophinde zibabone, zazifanele zife lapha ebugqilini, yilokho kuphela ezazikwazi futhi zazidabukile, futhi ba—babedingeka bazibhaxabule ukuze bazenze zisebenze.

90 Kodwa baqaphela isigqila esisodwa esincane, abadingekanga ukuba basibhaxabule, isifuba siphumile, isilevu sibheke phezulu, khona *manje* ngomzuzu. [UMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe—Umhl.] Futhi lowo othenga athengisele abanye wathi, "Ngifuna ukuthenga lesosigqila."

Umnikazi wathi, "Kodwa asithengisi."

Wathi, "Yini esenza sehluke kakhulu kangaka kunazo zonke ezinye na?" Wathi, "Awu, mhlawumbe singubasi phezu kwazo zonke ezinye."

Umnikazi wathi, "Qhabo, siyisigqila nje."

Wathi, "Awu, mhlawumbe usondla kangcono kunoma wenza zonke ezinye."

Wathi, "Qhabo, zonke zidla phandle egumbini lokudlela emkhunjini ndawonye."

Wathi, "Awu, yini esenza sehluke kakhulu kangaka kuzo zonke ezinye na?"

91 Wathi, "Bengihlala njalo ngizibuza, ngaze ngathola ukuthi iqiniso laliyini." Wathi, "Lowomfana, ngale emazweni endabuko uyise uyinkosi yesizwe, futhi uyazi ukuthi uyindodana yenkosi, futhi nakuba engowezizwe futhi ekude nekhaya, nokho, uziphatha njengendodana yenkosi."

92 Belifanele lenzeni iBandla kulobubusuku na? Nakuba sisezweni eliphuphuthekile lesono nenxushunxushu, sifanele siziphathe njengamadodana namadodakazi kaNkulunkulu.

93 Ngenkathi ngifunda lelivesi lomBhalo, ngacabanga, "Umprofethi ubengabe uchaza ukuthini na? Yindikimba engajwayelekile, 'Umusa wakho ungcono kunokuphila.'" Ngacabanga, "Kufanele kube neziningi izincazelo kukho *ukuphila*. Futhi bekungeke kusho ukuphila esikuphila manje enyameni, ngoba lokho kuphila kunobuhlungu benhliziyo, lokho kuphila kunosizi, nalokho kuphila kuba kubi kakhulu ngesinye isikhathi, umuntu aze afune ukuthatha ivolovolo futhi aqhumise ubuchopho bakhe buphume. Ngakho lokho bekungeke kwaba ngukuphila ayekhuluma ngakho, kufanele kube ngokunye ukuPhila akhuluma ngakho. Lokho kuphila kuba lusizi kakhulu abantu baze bakhwele embhoshongweni ophakeme, futhi bagxume, futhi bazibulale. Bathatha uphoyizeni, amashumi ezinkulungwane ngonyaka phezu kwe-United States, lapho ebesifanele siphile ngezinga eliphakeme kunakho konke lokuphila.

94 "Ngakho kufanele kube nenye incazelo, futhi kuthi lapha, 'Ngoba umusa waKho ungcono kunokuphila. Nomphefumulo wami womele Wena. Njengoba ngiwabonile amandla aKho endlini yaKho engcwele. Ezweni elomile neligagadekileyo; umphefumulo wami womela Wena, ukubona umusa waKho ongcono kimi kunokuphila.' Khona-ke kulokhu esikubiza ngo*kuphila* namhlanje, kunokudumazeka okuningi kakhulu."

95 Esikhathini esithile esedlule edolobheni elikhulu eCanada nganginomhlangano, futhi kulomhlangano othize kwakukhona iqembu laseMelika lenyukela lapho ukugubha olunye uhlobo lwe—lwejubili ledlangala elithile eMelika. Futhi ngaqaphela lapho bengena ngalolosuku, babephuza; futhi kwacishe kwangenza ngaba namahloni ngezwe lakithi uqobo. Futhi ngalobobusuku, ngenkathi sengisukile enkundleni yemidlalo futhi ngangiya ekhaya kulelihhotela elikhulukazi, ngenyukela cishe kwisitezi seshumi noma seshumi nanhlanu, futhi ekheshini amabhodlela ewiski ayenqwabelene yonke indawo. Futhi ezansi endlini ongenela kuyo babephuza futhi beqhubeka, futhi lapho ngibuza umfana wekheshi, ngathi, "Kuyini konke lokhu na?"

Wathi, "Impela banesikhathi."

96 Futhi ngakho ngenkathi bengidedela esitezi sami, ngahamba eceleni, futhi ngezwa umsindo phezulu ekugcineni kwehholo. Futhi ngabuka futhi nakho kumi ababili abasebasha, abesifazane baseMelika begqoke nje ingubo yabo yangaphansi, bedakwe nje ngakho konke, bobabili mhlawumbe abesifazane abashadile, ngoba babengabesifazane abaseminyakeni engamashumi amathathu, begqoke nje ingubo encane yangaphansi, ibhodlela lewiski, behla bedabula kulelophaseji, namadoda ebahudula besuka egumbini beya egumbini.

97 Omama, be "nokuzijabulisa okuncane okumsulwa." Mhlawumbe umyeni wabo ekhaya egada izingane, noma omunye umntwana oqashiwe unakekela abantwana babo. UNkulunkulu wakupha labo bantwana ukuba ubanakekele wena uqobo futhi yisibopho sakho kuNkulunkulu. Asinabo ubuhlongandlebe bentsha, ngubuhlongandlebe babazali. Abanye omama usukile emisebenzini yabo, bafuna ukugijimela emabhareni, futhi baqhubeke, futhi bagijime ubusuku bonke, futhi bashiye abantwana babo bekhula, akumangalisi bekhula kulowonyaka wokuguliswa yimizwa. UNkulunkulu wakunika lowomntwana ukuba umkhulise, nokuthi umnakekele.

98 Futhi lona wesifazane, lapho eza ediyazela, bobabili, futhi bama maphakathi nephansi lendlu, badonsa iziketi zabo ezincane zaphakama, base bephosa imilenze yabo phezulu emoyeni, base bempompoloza, "Whuupi!" Bathi, "Lokhu ngukuphila!"

99 Angibange ngisakwazi ukukumela, ngaphuma ngqo ngaphuma endaweni encane engangimi kuyo, ngathi, "Umzuzu

nje, manenekazi, ngifuna ukukhuluma nani. Nikuhumushe ngokungesikho lokho, nithe, 'Lokhu ngukuphila.'"

Bathi, "Phuza!"

Ngababamba emahlombe, ngathi, "Ngabe ungowesifazane oganile na?"

Wathi, "Kuyini lokho kuwe na?"

Ngathi, "Ngingathanda ukukubuza. Ngabe ungowesifazane oganile na?"

Wathi, "Impela," wathi, "Ngiyazijabulisa kancane nje."

100 Ngathi, "IBhayibheli lathi, 'Ophila ngokutamasa ufile esaphila.'" Ngathi, "Ngingumfundisi ovela eMelika, ngingapha kulenkundla yemidlalo yeqhwa, futhi uletha ihlazo kulo impela igama laseMelika naphezu kobumama! Aninamahloni ngani na? Baphi abayeni benu na?"

101 Baqala ukuyendezela, base bebukana. Futhi baqala ukuhosheka, ngababamba ingalo yabo. Ngathi, "Umzuzu nje. Nizokwenzenjani lapho nihlangana noNkulunkulu na? Ukubake ngaphansi kwalesi sitshulu esinewayini kulobubusuku, niyafa kulesisimo na? Kuzokwenzekani kini na? Uthi unokuphila, ufile esonweni naseziphambekweni!" Futhi badluthula basuka ezingalweni zami, futhi bahamba ezansi ephaseji, cishe impela bengagqoke zingubo, futhi basuka emehlweni ami.

102 Nicabanga ukuthi lokho ukuphila na? Lokho ngukufa. Yini eyenza umuntu omele ukwenza lokho na? Yini eyenza umuntu afune ukwenza lokho na? Yingenxa yokuthi uNkulunkulu wabenza ngaleyondlela, uNkulunkulu wenza umuntu ukuba ome, Wenza *okuningi kangako* kumuntu ukuba ome, kodwa uNkulunkulu wenza lokho koma enzela Yena, nodeveli uyakuphendukezela kusukela ekuPhileni okuPhakade kuye ekufeni, futhi akwenze ukuthande. Isizathu sokuba ulangazelele lezozinto yingoba unika udeveli indawo uNkulunkulu abefanele ukuba kuyo. O, muhle kulokho.

103 Uzokomela okuthize, ngoba wenzelwe ukuba wome, uNkulunkulu wakwenza ukuba wome, futhi uzama ukukwenelisa ngezinto zezwe. NeBhayibheli lathi, "Uma uthanda izwe, noma izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho kuwe." Uzama ukwenelisa leyo ebusisiwe, into engcwele ngokuphuza, umbukiso wezithombe uqhubeka, ukugembula, imidanso, konke lokho kuyinkokhelo yokufa, awunalungelo lokwenza lokho. Ngilaleleni njengomfowenu: Udeveli ubeke into ethize phezu kwenu, futhi aniyazi.

104 Kwenzekeni kubantu bakithi na? Kwenzekeni emabandleni ethu na? Ngiinganikhombisa ukuthi kanjani kungeke kube khona noyedwa umuntu ompofu kulelidolobha onyakeni kusukela namhlanje, akuyikubakho neyodwa indlu eyimfucumfucu

edolobheni: Makuthi abantu abazibiza ngamaKristu bathathe imali abayichitha kwiwiski, ubhiya, nosikilidi, futhi niyihlanganise ndawonye, niyoqeda konke ukucindezeleka.

105 Kubale, ukuthi kungakanani, nokuthi yimalini echithwa unyaka ngamunye kosikilidi. Kungani benganikeza lemiklomelo emikhulukazi, nezinto, bekushaya kuhulumeni na? Nodokotela ngokuphelele basho ngaso sonke isikhathi ukuthi ngumdlavuza, umdlavuza, umdlavuza, futhi laba besifazane baseMelika ngokuqhubekayo bekuhudula emphinjeni wabo. Nicabanga ukuthi ninesikhathi esimnandi, aninjalo na?

106 Angikhulumi kumaKristu, ngikhuluma kini enicabanga ukuthi ningamaKristu. Kwenzekeni emabandleni ethu na? Ake sedlule kukho umzuzwana nje, sibone ukuthi yini . . . kanjani . . . ukuthi udeveli ungusomabhizinisi kanjani.

107 Kwakuvame ukuba kudala ukuthi zonke izimfashini zethu zivela eParis, manje ayiveli eParis, iParis iza eHollywood ukuzoyithola. Kwakuvamise ukuthi kwakungalungile kuwe ukuya emibukisweni yezithombe, nina bantu bobungcwele, futhi nibone leyomidlalo emibi, kodwa udeveli ukushayile kukho, wakufaka kwithelevishini, wakubeka ngqo endlini yakho uqobo. Kunjalo.

108 Akumangalisi ninabantwana abancane phandle ukuthi amaphoyisa adutshulwa alahlwe phansi, futhi agwazwe afe, nayo yonke into, emi ekhoneni nezibhamu ezimbili nayo yonke into, bayayibona leyonto, bakhuliselwa kuyo.

109 Sekuyisikhathi sokuba ibandla lithathe indawo yalo futhi liphume ezintweni zezwe, niyakwazi. Kwakuvamise ukuthi kwakungalungile ukuba abesifazane abangamaKristu emaqenjini obungcwele ukuba babe nezinwele ezimfishane. Kwenzekeni na? Ngiyakhumbula ngenkathi wawungeke ungeniswe ebandleni nezinwele ezimfishane; kwakuyiphutha endaweni yokuqala, kuseyiphutha namanje. IBhayibheli lasho ukuthi uma owesifazane egunda izinwele zakhe, umyeni wakhe unelungelo lokuhlukanisa naye futhi asuke kuye. Kunjalo impela. Ukwenzela ini na? Ukulandela izimfashini.

110 Manje, anizukungithanda emva kwalokhu, kodwa eNkantolo yokwaHlulelwa, nizothola okuthize: IBhayibheli lathi uma owesifazane egunda izinwele zakhe, uhlazisa ikhanda lakhe, okungumyeni wakhe, uma engumuntu ohlazisayo, ufanele alahlwe. Kwakuvame ukuba yiphutha, kodwa kukhona okwenzekayo.

111 Abesifazane bobungcwele begqoke lezizingubo ezindadlana futhi bephuma lapha emagcekeni, begunda amagceke abo, behla benyuka ngezitaladi begqoke izikhindi, nivumela abantwana benu bakwenze! Khona-ke uthi, "Nkulunkulu, sithumelele imvuselelo." UNkulunkulu ubeyoke abeke kanjani imvuselelo esigejaneni sokungcola na? Akakwazi ukukwenza. Manje

nizothola ukuthi kungani singenayo imvuselelo. Nikwenzeleni na? Niyabo, izwe liqala ukungena kancane kancane.

112 Abantu abaningi abazibiza ngamaKristu bazohlala ekhaya ngoLwesithathu ebusuku bengayi emhlanganweni womkhuleko ukuzwa lo *We Love Susie* omdala, noma lonke uhlobo lombhedo kanjalo, esikhundleni sokuya esontweni, kukhombisa ukuthi yini engaphakathi kuwe. Lokho okomelayo, leso yisimilo sakho, ukuziphatha kwakho.

113 Nani besifazane, ngeleshumi nqo ekuseni lapho benifanele nibe nomhlangano womkhuleko, ulalela into ethize endala yokungamesabi uNkulunkulu njengo-Arthur Godfrey namahlaya akhe amadala angcolile, nezinto, nalesosigejane sabesifazane, bese-ke nizibiza ngamaKristu. Qhubekani. Lelo yiqiniso.

114 Wena uthi, "Mfowethu Branham, angizigqoki izikhindi, ngigqoka amabhulukwe amasleksi."

115 Lokho kubi kakhulu! IBhayibheli lasho ukuthi owesifazane oyogqoka ingubo yowesilisa, kuyisinengiso ebusweni bukaNkulunkulu, noNkulunkulu akaguquki. Futhi ugqoka lezi ziketi ezindadlana ezimpintsha kakhulu, wehla ngesitaladi umpintsheke kakhulu, isikhumba size sibe ngaphandle, futhi uzibiza, "Abesifazane abaNgcwele." Ngabe yileyondlela indodakazi kaNkulunkulu ebiyoziphatha ngayo na?

116 Lalelani, wena uthi, "Mshumayeli, yilolohlobo kuphela lwezingubo abazithengisayo."

117 Kodwa basayenza imishini yokuthunga futhi bayithengise, aninazaba. Futhi ngaphandle kwalokho, basalokhu bethengisa izimpahla ongenza izingubo zakho zokugqoka. Ngiyazi ukuthi lokho kubuhlungu, kodwa kuhle kuwe, kuyiqiniso, kuyilokho iBhayibheli elakusho.

118 Ukuthi. . .Niyabo, singeke saba nemvuselelo, yingalesosizathu. O, impela, kukwenza—kwenza. . .kwehle. . . Kodwa uma bekuyiphutha kwasekuqaleni, kuyiphutha manje. Kukhona okwenzekile, nakhu lapho okukhona: Akukho sisekelo sokubeka imvuselelo kuso. Ungakwenza kanjani lapho uNkulunkulu ekwenqabela na?

119 Manje, wena uthi, "Ulukhuni kabi kithina besifazane."

120 Kulungile, madoda, nakhu lapho enikhona: Noma yiyiphi indoda eyovumela umkayo agqoke lolohlobo lwezingubo futhi abheme osikilidi, lokho kukhombisa ukuthi wenziwe ngani, nginokukuhlonipha okuncane ngawe uyindoda. Ufanele ube yinhloko yendlu. Kwenzekani na? Kukhona okungahambanga kahle.

121 Manje, futhi nina besifazane, wawuvamise ukuthi anizange nibufake lobu buqhathanzipho, noma nake. . .Yini leyonto oyifaka emlonyeni wakho na? Noma ngabe kuyini, angazi

lutho ngakho; angikusho ukuba kube yihlaya. Noma ngabe yini into o. . .izindebe, okokupenda izindebe, noma ngabe kuyini. Kwakuvame ukuba yiphutha ukuba nenze lokho, kodwa impela kuvamile phakathi kwenu bafo bePentecostal manje. Kwenzekani na?

122 Umshumayeli omdala weMethodisti wayevamise ukungitshela, acule iculo elincane:

> Sehlise imigoqo, sehlise imigoqo.
> Saxegisa ngesono.
> Sehlise imigoqo, izimvu zaphuma,
> Kodwa izimbuzi zingene kanjani na?

123 Nehlise imigoqo, yilokho okukwenzile, ngoba nibe nepulpiti elibuthakathaka emuva lapha, nomshumayeli omncane owayecabanga ukuthi inkonzo yakhe yayiyithikithi lokudla, esikhundleni sokuthunywa okuvela kuNkulunkulu. Beniyomxosha ebandleni, nimlahlele ngaphandle uma esho noma yini ngakho; ubefanele alahlelwe ngaphandle uma ubengeke asho okuthize ngakho.

124 Lalelani, manenekazi, leli akusilo ihlaya, kodwa kwakukhona owesifazane oyedwa eBhayibhelini owazipenda ukuba ahlangane nendoda. Awuhlangabezani noNkulunkulu kanjalo. Igama lakhe kwakunguJezebeli. Niyazi ukuthi uNkulunkulu wenzani kuye na? Wamphakela izinja. Ngakho-ke lapho ungabona owesifazane owenziwe wonke kanjalo, ungathi, "Nango uNkk. Nyama yenja." Yilokho impela uNkulunkulu akubiza ngakho! Manje, niyazi ukuthi kuyiqiniso. Lokho akusikho ukwenza ihlaya, nginitshela ukuthi uNkulunkulu wathini.

125 Kuyini na? Ufuna izinja ezinkulu zesihogo ukuba zimpongoloze, "*Whi-whewu*!" Niyazi ukuthi kuyiqiniso. Yini indaba na? Enye into iyangena kodwa uthando lweBhayibheli nothando lukaNkulunkulu, leyondawo uNkulunkulu abefanele abe phakathi lapho eMnika indawo yokuqala, nazo zonke izindawo, uvumela izwe lingene, futhi wahamba ulamba futhi woma futhi ugcwalisa leyondawo lapho uNkulunkulu efuna ukuyigcwalisa, ngezinto zezwe. Yileyo indaba.

126 Esikhathini esingeside esedlule, ngangishayela ngiya eCalifornia, futhi nganginendoda eyisoni ukuba ishayele itrakhi lami liwele. Futhi ngenkathi ngifika laphaya, esinye sezikhulu ezinkulu siyafika. Lendoda yayikhuphula itrakhi, yayehlisa ezinye izincwadi, ngashayela elinye itrakhi. Nalendoda yayiyisoni, yayibhema usikilidi. Futhi enye enkulu, indoda enkulu yebandla yenyuka, Yathi, "Ngani, Mfowethu Branham, ngiyamangala ngawe!"

Ngathi, "Yini leyo na?"

Yathi, "Leyondoda ibhema usikilidi laphaya yehlisa umthwalo kulelotrakhi."

Ngathi, "Iyisoni, ithola imali yayo emizuzwini embalwa nje nendlela yayo ikhokhelwe yokubuyela ekhaya. Anginamuntu ongashayela itrakhi lami."

"Awu," yathi, "abantu bakithi bangabantu bobungcwele, futhi asisoze sakumela lokho!"

127 Ngathi, "Ngiyaxolisa, mnumzane, bengingeke ngibeke isikhubekiso endleleni yakho ngeze." Ngathi, "Indoda iyisoni, ayisho lutho, ngivele ngayicosha esitaladini, ngayibuza uma ibifuna umsebenzi, yathi, 'Yebo', ngathi, 'Shayela lelitrakhi uye eCalifornia, futhi ngizokunika *okuningi kangaka* ngosuku futhi ngikukhokhele indlela yakho yokubuya.' Kulungile, yalithatha. Ngathi, 'Lapho wehlisa umthwalo etrakhini, yilokho kuphela.'" Ngathi, "Ngiyaxolisa ukuthi ngenze lokho."

Yathi, "Awu, ungaphinde ulethe noma ubani obhema osikilidi ngalapho abantu bakithi bekhona, futhi wazi ukuthi—ukuthi ubaqashile, kumbe noma yini."

Ngathi, "Impela ngizokubhekisisa lokho kusukela kulokhu kuqhubeke uma ngizodingeka ngithumele eCalifornia ukuthola indoda."

128 Ngakho yathi . . . Awu, siqale ukwehla imizuzu embalwa, saya etendeni elikhulu, yayisithi, "Mfowethu Branham, ngifuna uhlangane nomkami." Yathi, "Uzoba ngumshayi wopiyano wakho ngesikhathi salemvuselelo."

129 Ngase ngithi, "*Ini*?" Futhi wayenezinwele ezinobuqhathanzipho ngempela, noma, izinwele ezigundiwe, niyazi, zinokuphotheka okuncane phezulu kuzo, nayo yonke inqwaba yaleyonto ebusweni bakhe, namacici amakhulukazi elenga, nengubo eyayibukeka yesabeka. Ngase ngithi, "Ngabe ungongcwele na?"

Yathi, "Yebo, mnumzane."

Ngathi, "Ububeka kimi njengesipoki." Ngathi, "Angikaze ngiyibone into enjalo empilweni yami!" Ngadingeka nje ngimtshele, "Mfowethu, kukhona okungahambanga kahle, 'uhishwa imbuzane ugwinye ikameli!'"

130 Kukhona okungalungile! Lokho okubusisiwe, ukoma okungcwele uNkulunkulu akunika khona ukuba womele Yena, ukuphendukezele ezintweni zezwe futhi unxanela izinto zezwe. Niyabona ukuthi ibandla likuphi na? Kukhona okungalungile, sehlise imigoqo ndawondawo.

131 Wena uthi, "O, sisindiswa ngomusa; Bengicabanga ukuthi ubuyiBaptisti."

132 Kunjalo, sisindiswa ngomusa, kodwa uma usindisiwe, impilo yakho iyafakazisa ukuthi uyini. Akunandaba ukuthi ungakanani umusa othi unawo, uma impilo yakho ingahambisani nawo, awukawutholi okwamanje, yilokho kuphela. Awukwazi ukukhipha amathanga emvinini

wamagilebhisi, e-hhe, awuwatheli. Izithelo zikaMoya azifiki ngezinto zezwe. Manje, niyazi ukuthi kuyiqiniso. Angifuni ukunilimaza, bantwana, kodwa ngifuna ukunitshela ukuthi kuyini.

133 Nicabanga ukuthi ninesikhathi esikhulu, ninebandla elikhulu kunawo onke elikhona edolobheni, izicongo zenu zifinyelela zithi ngqu ezibhakabhakeni, "O, singcono, sinomelusi okhokhelwa ukwedlula bonke. Si—sine i—i . . . Singamnakekela umelusi wethu, singcono, siphila kangcono. Si—singagqoka izingubo ezingcono, singazihlanganisa nezinga elingcono."

134 Angazi noma ubungakwazi noma qha. Imihlangano engcono kunayo yonke engake ngaba nayo kwakusemishini endadlana ezansi eceleni kwesitaladi ndawo ndawo, lapho idazini lihlangana khona ngenhliziyo eneqiniso. Kunjalo. Ngingaqoka ukuba lapho, noma nini.

135 O, niyabona ukuthi kulula kanjani, yingoba nehlise imigoqo. Umzuliswano wokuqala wenu bantu bePentecostal nenze kahle, omunye umzuliswano uyafika, uqala ukuba buthakathaka phansi, khona-ke uthola induku yehlelo ngemuva: "Siyi-Oneness. SiyiThreeness. SiyiFiveness." Awulutho, kunjalo impela, inqobo nje uma ucabanga lokho.

136 Lapho unalowomcabango enhliziyweni yakho, wukhiphe, uzokwenza uxebuke, umphefumulo wakho uzogqwala phezu kwakho, ngoba uqophisene futhi waxova futhi waphikisana, futhi waqhubeka cishe ngesakho esidadlana, isayense yezenkolo efuywayo. Uma ubunoKristu enhliziyweni yakho, bekungeke kwenzeke, nonke beniyohambisana ndawonye futhi nihambe nibe yiqembu elilodwa elikhulu futhi niqhubeke. Kungani udeveli edingeka alwe nawe lapho nilwa nodwa na? Uvele ahlale emuva futhi akuyeke uzibulale wena uqobo. Nakho lapho okhona.

137 Nehlisea imigoqo ndawondawo, futhi nizondla kuleyo ebusisiwe, indawo engcwele enhliziyweni yenu, ningenise izitsha ezingcolile zikadeveli phakathi lapho, lapho izitsha zeNkosi bezifanele zibe khona, lapho izithelo zokulunga bezifanele zibe ngokuba nokuthula, ukubekezela, ubuvi, ububele, ukukhuthazela, ubumnene, ngubugovu, umhobholo, imigoqo yamahlelo, nilwa nodwa, futhi yingalesosizathu nifake amacici, nezinwele ezimfishane, nobuqhathanzipho ebusweni benu, nazo zonke izinhlobo zezinto ezinjalo, yingalesosizathu, yilokho okukwenzile!

138 Sikuphi manje na? Niyazi ukuthi kuyiQiniso. Esikudingayo namhlanje akusilo ibandla elisha, esikudingayo namhlanje a—akusuye u—umvangeli omusha, esikudingayo namhlanje ngeyakudala, imvuselelo kaPawulu oNgcwele noMoya oNgcwele, nokuhlanza indlu yonke indlela kusukela epulpiti kuya kumlindimnyango, kunjalo, kushanelisisiwe,

kwahlanzisiswa. Omunye asukume ame lapho futhi uzokutshela iqiniso noma ngabe liyasika noma ngabe alisiki. Kunjalo. IZwi likaNkulunkulu, libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, uMahluleli wemicabango yengqondo, amaHeberu 4 asho njalo.

139 Kodwa kwenzekani na? Khona-ke udeveli uzama ukwenelisa lokho koma enzela wena, "Awu, uJohn unomsebenzi ongcono. Akabusiswe uNkulunkulu, sihambile futhi sashiya lelo elidala, ibandla labagingqiki abangcwele futhi sawelela ku*leli*." Niyabona ukuthi niyephi na? Kulungile.

140 Manje-ke nansi enye into: Udeveli uzozama ukukwenelisa nge—ngethelevishini, ngokuphuza, ngokugembula, ngokugqoka izingubo zokungamesabi uNkulunkulu, . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . ukuzicabangela.

141 Futhi ngaya ebandleni lapha esikhathini esingeside esedlule, babefuna ngibambe imvuselelo, nomshumayeli empeleni wayefanele azikhulule emva cishe kwemizuzu engamashumi amabili entshumayelo, futhi avumele bonke abadikoni baphume bayobhema osikilidi. Mfowethu! Lapho . . . Saba ne—saba nemvuselelo ngobunye ubusuku, futhi ngobusuku obulandelayo ngaphoselwa ngaphandle. Kodwa bezwa ngakho, empeleni, igazi lisukile ezandleni zami. Ucabanga ukuthi uKristu ubeyokwenzani ukuba Ubesemhlabeni namhlanje na? Wa—Wayephica ngaphezu kwezintambo ezithi azibe zimbili ndawonye futhi abashaye abakhiphe: "Nenza indlu yaMi umhume wabaphangi!"

142 Futhi enye into udeveli azama ukuyenza ukucima lokho koma . . . Wena uthi, "Awu, ngikholwa impela."

143 Ngasho kowesifazane lapha esikhathini esingeside esedlule emsamo, ngathi, "UngumKristu na?"

Wathi, "Ngizokwenza uqonde, ngikhanyisa ikhandlela njalo ebusuku!"

144 Lokho ngamandla okuqina obuKristu, *okubizwa kanjalo*. Ungahle wokhele umlilo omkhulu futhi awusoze wakusiza ngalutho, ngaphandle uma uMoya oNgcwele noMlilo kokhelwe enhliziyweni yakho.

145 Ngabuza indoda eWest Coast, ngathi, "Mnumzane, ngabe ungumKristu na?" Ngangifuna ukuyibamba khona lapho futhi ngiyitshele ebusweni bayo.

Yathi, "NgingumMelikana!" Hhe!

Ngathi, "Lokho akuhlangene ngalutho nakho, akukho-nto."

146 Ukuhamba udabule esibayaneni sezingulube akukwenzi ingulube, leyo yinto eyodwa eqinisekile. Ufanele uzalwe ngokusha, khona-ke imikhuba yakho yehlukile.

147 Wake walithatha igwababa nejuba na? Emkhunjini kokubili kuhlala othini lunye, okukodwa kwakungandiza nje endaweni efanayo njengokunye, kodwa igwababa laneliseka ngenkathi lidedelwa, laphuma futhi landiza lisuka kwesinye isidumbu esifile liya kwesinye lapho izilokazana nezinto yayidla khona, nakho lalidla kulokho, kwakulungile; kepha ijuba alifumananga ukuphumula kwezinyawo zalo, lalifanele libuye, lalingenakukumela lokho kunuka okudala.

148 Niyazi, igwababa lingomunye wabazenzisi abakhulu kunabo bonke okhona. Uthatha ijuba, lizondiza lehlele ensimini kakolo futhi lidle ukolo, igwababa lingandiza phezu kwesidumbu esidala esifile futhi lidle isisu salo sigcwale, futhi lize ngapha futhi lidle ukolo, futhi; kodwa ijuba lingeke lavela ensimini kakolo liye esidunjini esifile. Qhabo, mnumzane.

149 Noma yini egulisayo ingumzenzisi, ngingaqoka ukuba ngumphikinkolo noma ngasiphi isikhathi. Kodwa umzenzisi omdala uzoya esontweni, futhi baphakamisele ikhala labo emoyeni, futhi benze sengathi bangumuntu othize, basuke baye ezintweni zezwe bese bethi, "Awu, umelusi wami unomqondo obanzi kunomelusi wakho onomqondo omncane." Wena ompofu, obuthakathaka angazi-ukuthi-ini! Udinga umelusi oyifeshini endala oyokunikinela izinwele zakho, ozokutshela iqiniso.

150 UJezibele wayemzonda umelusi wakhe, umelusi wakhe kwakungu-Eliya, kodwa wamtshela okwakuzokwenzeka, wayefanele alalele, noma kanjani. Wayengeke amemukele njengomelusi, kodwa uNkulunkulu wamthuma njengomelusi; wayengumelusi kaNkulunkulu. Manje, bhekisisani ukuthi kwenzekani.

151 Igwababa, isizathu sokuba likwazi ukudla, lingagaya noma yini; kodwa ijuba lenziwe ngokwehlukile, kungukwakheka okwehlukile, ijuba alinanyongo, alikwazi ukukugaya. Futhi umKristu ozelwe ngokusha angeke adle izinto zezwe, akasenayo inyongo. Bekuyombulala, angeke ulibone ijuba lidla idina negwababa inqobo nje uma lisekulesosidumbu esifile.

152 "O, ngivele ngahamba nabo nje ezansi endlini yokubhejela, angicabanganga ukuthi bekukhona okulimazayo."

153 UMoya oNgcwele ukufundisa kangcono kunalokho. Bese kuthi-ke udeveli ufuna ukwenelisa lokho, wena uthi, "Ngiyakholwa, ngijoyine ibandla." Lokho akuhlangene ngalutho nakho. Udeveli uzama ukwenelisa lokho koma onakho enhliziyweni yakho ngoNkulunkulu, ukukuvumela ujoyine ibandla; lokho kungamanga amakhulu njengoba engakwenza ukuba ukholwe. Ukujoyina ibandla akuhlangene ngalutho nakho, ubungajoyina onke amabandla kulelidolobha, futhi uye esihogweni, njengemathini iya ebhokisini layo, ubungaba ngowawo onke.

154 Ngaphandle uma uzelwe ngokusha, ngaphandle uma kukhona okwenzekile *lapha* okuguqula konke ukulangazelela kwakho kwezinto zezwe, noma i...lonke uthando lwakho nokuzinikela, yonke into inikezwa uKristu, khona-ke yilapho uza khona, ungasho. Lapho umoya wakho ufakazelana noMoya waKhe, impilo yakho ibambisana nawo. Yebo.

155 "O, umphefumulo wami ulangazelela Wena, O Nkosi. Ngilangazelela ukuKubona," uDavide, ngenkathi esebone ibandla lisuka, "Ngilangazelela ukuKubona sengathi ngiKubonile endaweni yaKho engcwele," omsulwa, ongcwele. "Ukoma kwami...Umphefumulo wami womela Wena, njengasezweni elomile eligagadekileyo lapho amanzi engekho khona.

156 UDavide wayengumzingeli, wayebhekana nezilwane zasendle, futhi wayazi ukuthi zaziyini. Ungafunda okuningi ngezilwane zasendle uma nje uzozibukela; ngiyathanda nje ukubukela izilwane zasendle. Bengiphumile namhlanje, ngishayela emigwaqeni, nezinto, ngizama ukuthola into ethize engingayibuka, ngibone ukuthi ngingayibona yini inyamazane idiye, noma into ethize ebengingayibuka. Ukuthi ungambona kanjani uNkulunkulu kuzo uma nje uzozibuka!

157 Futhi uDavide wayeqaphelile ukuthi kanjani ukuthi ezweni lapho babenenqwaba yezinyamazane amadiye, babenezinja zasendle kulelozwe, noma sizibiza lapha, izimpisi, futhi wathi, "Njengendluzele yomela umfula wamanzi, umphefumulo wami womela Wena." Njengendluzele, inyamazane idiye, yomele imifula yamanzi.

158 Manje kwabanye benu bazingeli, uma ulimaza inyamazane idiye futhi ingafika emanzini, uzolahlekelwa yiyo, iyolokhu iphuza, ikhuphuke, izungeze ibuyele emuva. Ungayilandela ngomkhondo noma yikuphi lapho ofuna khona, ubuyele ngqo kulawomanzi, ayisoze iwashiye lawomanzi. Kodwa uma ingafiki emanzini, uzoyicosha khona lapho.

159 Khona-ke ngesikhathi sikaDavide, njengoba kunjalo eBritish Columbia nezindawo eziningi lapho engizingela khona, qaphelani leyompisi, nanso inyamazane encane idiye imi phandle lapho, ukubonakala okujwayelekile kwelincane, inenekazi eliselincane ebutshitshini balo, noma encane, insizwa, noma isithandwa sendoda ethize, umkayo, noma indoda yowesifazane othize...Futhi bakubiza ngokuthi namhlanje, "impempe yempisi," niyazi, ukumemeza kwempisi.

160 Yilokho ebengikuletha kini esikhashaneni esedlule: Kungani nizenza kanjalo futhi niziphathe kanjalo, besifazane na? Ake nginitshele okuthize ngaphambi kokuba ngishiye lokhu. Niyazi ukuthi kuzokwenzekani ngoSuku lokwaHlulelwa na? Uzoba necala ngokuphinga.

161 Wena uthi, "Ngani, ngimsulwa nje njengomnduze kumyeni wami! Mnu. Branham, angizange ngingcoliswe!"

162 Ake sithole. UJesu wathi, "Yilowo nalowo obuka owesifazane amkhanuke, usephingile naye enhliziyweni yakhe vele." Yilokho Akusho na? Kulungile, uma wehla ngesitaladi ugqoke lezo zingubo ezindadlana, ezibukeka zingcolile, nomunye umuntu uyakubuka bese ekukhanukela, awu, lesosoni sizophendula ngokuphinga. Futhi sakwenza nobani na? Obani abazethula kuso na? Ubani onecala na? Wena unecala! Uzinamathelise wena phandle lapho phambi kwaso kanjalo, futhi unecala lokuphinga nalesosoni, futhi uzophendula ngakho ngoSuku lokwaHlulelwa.

163 Ngingathanda ukubeka ithende phandle lapha futhi ngishumayele ngezinye zalezizinto okwesikhashana. Uvele nje weqe phezu kwalezozinto. UJesu wathi, "Obuka owesifazane amkhanuke. . ." futhi uziveze wena phandle lapho. Ungahle ube, ngokukhuluma ngokuziphatha, ungangcolisiwe, kodwa ngoba umoya wedemoni ukwenze wagqoka futhi wenza kanjalo, unecala lokuvumela isoni siphinge nawe, ngoba uziveze wena kanjalo. Yilokho uJesu akusho, ufanele ukhulume kuYe ngakho.

164 Yingakho ngikutshela, dadewethu othandekayo; yingakho ngikutshela, mfowethu othandekayo. Yini indaba ngalelizwe na? O, aniboni yini ukuthi udeveli ukuthathile ngaphandle kokudubula na? Unebandla. Ungena ngqo ngobuqili, njengendlela yemfundo yesimodeni nesayense, wagxambuza wangena ngqo futhi wabathatha nalokhu, ngezingalo zakhe.

165 Nabesifazane bayazikhipha lapha, bengakuqondi. . . Ngihlezi efasiteleni lehhotela lami esikhashaneni esedlule, ngibone owesifazane omncane ephuma obengenazo izingubo ezenele ukuba avale isibhamu ingebe, futhi wabeka i. . . wayenengane encane ezingalweni zakhe, egijima ephumela esitaladini elandela isivalo sehabhu ehla ngesitaladi. I—i—inenekazi elincane linengane! Leyonto encane bandla! Izokhuliselwa kuphi na?

166 Ngenkathi ngisengumqaphi wezinyamazane, ngangehla ngesitimela ngolunye usuku, nowesifazane ehlezi lapho nezitho zakhe ziphambanisiwe futhi ebhema usikilidi, eshaya i, efutha umlotha emehlweni engane yakhe. Ngahambahamba, ngathi, "Sifazane, ngabe uNkulunkulu wakunika leyongane ibe yisitsha somlotha na?" Kodwa izwe alifuni ukuzwa lezozinto.

167 Ingxenye yesikhathi, uSathane angeke ngisho avumele abantu bahlale futhi bakulalele. Bangcole kakhulu, bonakaliswe kakhulu, izingqondo sezihambe kakhulu, zingcoliswe kakhulu yizinto zezwe, abananembeza. IBhayibheli lathi, "Ngezinsuku zokugcina bayoba ngabanamawala, abakhukhumele, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu, abangenakuthuliswa, abahlebayo, abangenabumnene, nabazonda okuhle, benesimo

sokumesaba uNkulunkulu, kepha amandla akho bewaphika: labo-ke wobagwema. Ngokuba lolu uhlobo oluhamba izindlu ngezindlu, luhola abesifazane abayiziwula abasindwa yizono eziningi," bethwele kanzima emiphakathini yethu.

168 Imiphakathi yenu! Sinokuningi kakhulu kwakho manje, kuze kuthi ibandla alisakwazi ngisho nokunyakaza, likhubazekile. Kwenzeni okuhle na? Udinga umhlangano womkhuleko nokubizela e-altare, yilokho okudingayo. Nakho bemile, ezincane, izinto ezingenacala, bemi phandle lapho bengazi. Yini indaba ngani bashumayeli na? Vukani. UNkulunkulu uzokubeka icala ngakho, mfowethu, kushumayele, susa igazi esandleni sakho uqobo. Phumela lapho, bafuna abafana ukuba bathi, "*Whi-whewu*!" Bukani ukuthi kwenzekeni.

169 Inyamazane idiye encane, imi endle icosha, nempisi iyayibona, ihehwa yiyo. Manje, impisi ingumbulali; naleyompisi eshaya ikhwela ingumbulali, nayo, dade, imbi kakhulu kunenye. Kanjalo nempisi inesu, lapho idumela inyamazane idiye, inamazinyo amabili egazi. Futhi iyagijima . . . Izikhathi eziningi ngizidubula ngisehhashini lami, ngithola amankonyane ami, kanjalonjalo, zibhekisise ukuthi zigijima kanjani, zishesha nje njengoba zingakwazi, isike ingene ngqo kulenyamazane idiye encane, futhi igxume iye phezulu bese iphosa lawomazinyo egazi emva nje kwendlebe *kanjalo*, futhi ishwiba isisindo sayo ngapha nangapha, isika umphimbo ngokuphelele. Inyamazane idiye encane yenza ukukhubeka okuthi akube kubili ayisekho, khona-ke imbozwe yonke indawo ngamakoyote emizuzwini embalwa (iCoyote iyimpisi yasenkangala.), icosha amathambo azo.

170 Bese kuthi-ke uma igeja leyondawo, isenenye indawo engadumela kuyo, leyo isemhlubulweni ngqo. Manje, umhlubulo uwuhlobo oluthi ukuba isisindo esimaphakathi senyamazane idiye. Indawo engemuva iyasinda kunendawo engaphambili, lokho kuthi akube uhhafu, ngakho uma ingadumela futhi ikubambe lokho, inganyakazisa inyamazane idiye, uma ibamba kahle ingaphosa inyamazane idiye phansi, noma kanjani, uma ibona ukuthi izogeja umphimbo lapho iphenduka.

171 Futhi iyobamba umhlubulo, futhi uma inyamazane idiye ihlakaniphe ngempela, inganikeza ukusonteka okuthile, futhi impisi izohlwitha okugcwele umlomo iphume nakho, khona-ke umfo omncane uqala ukopha, kodwa uma engabaleka uma eshesha.

172 O, dadewethu othandekayo, mfowethu othandekayo, angazi ukuthi ikubambe kuphi kulobubusuku na? Khumbulani, kunezimpisi zesifazane, futhi. Ikubambephi, ntombazanyana lapha esanda kwethamela iphathi yakho yokuqala yomculo wokuzibinya na? Nina bafo abancane phandle lapho,

nikhanukela umphefumulo wenu ezintweni ezindala ezingcolile, ezibolile njengo-Elvis Presley!

173 Bengiyophuma lapha kulelikhona futhi ngishumayele iVangeli imizuzu engamashumi amathathu, mhlawumbe bengiyoba sejele ngokuphazamisa ukuthula; u-Elvis Presley ubengama lapho futhi acule lawomaculo amadala angcolile, namantombazane asemancane agijima enyuka futhi adonse izingubo zawo zangaphansi azikhumule futhi aziphose kuye, futhi uyosayina igama lakhe kuyo. Futhi angama lapho, futhi bayothatha inkantolo yamaphoyisa futhi baphonse labobantu ukuze akwazi ukucula.

174 Kukhombisa ukuthi izwe lifike kukuphi. Izwe linikeza isinqumo sabo ngenkathi bethi, "Thathani uJesu niMbethele, futhi nisinike uBaraba." Munye kuphela umehluko phakathi kuka-Elvis Presley. . .Kuyenzeka ngihlale ezweni lakubo, niyazi, ngiyamazi umelusi wakhe nabobonke, bathi uyakholwa. Kunomehluko owodwa, ngokombono wami ngeBhayibheli likaNkulunkulu, phakathi kuka-Elvis Presley noJuda Iskariyothe: uJuda wathola izinhlamvu zesiliva ezingamashumi amathathu, u-Elvis wathola uxhaxha lwamaCadillac nezigidi ezimbili noma ezintathu zamadola. Yilowo umehluko, bobabili bathengisela udeveli, kunjalo impela.

175 Yonke lento, uTennessee Ernie Ford, yonke leyonto, ame futhi acule iculo lezenkolo, bakweqe amehlo abo njengenkonyane efayo, bese-ke bephuma emini nakulezozindawo, nezinto ezindala ezinenhlamba, futhi bagaxe labo besifazane, futhi baziphathe kanjalo! Futhi nivula leyonto kwithelevishini yenu, nidedele abantwana benu babuke lowo wesifazane, udinga umhlangano womkhuleko oyifeshini endala neBhayibheli elivuliwe. Kunjalo.

176 Amanye enu mabandla. . .Ngehlela lapha ngolunye usuku eYMCA edolobheni elithile, ngangingaphesheya kwesitaladi ukusuka kulo, njalo, ngaphakamisa ikhethini lami, babenamantombazane amancane laphaya, eneminyaka eyishumi nesithupha ubudala, bewafundisa lomculo wodum-dumu, noma ini, umculo wokuzibinya! Ngiyisithunywa senkolo, ngingakufakazisa lokhu ngaphandle kwethunzi lokungabaza: ukuthi abesifazane abafake upende bavela emkhondweni wabahedeni, abahedeni bayakwenza, nodum-dumu nomculo wokuzibinya ngumdanso wase-Afrika wabahedeni. Aniboni ukuthi udeveli ungena kanjani futhi wakupholisha na?

177 Kwakuvamise ukuba yisidakwa esidala kwakunguCharlie Barleycorn omdala, obukeka esabeka, isichuse esesabekayo ensimini ndawondawo, kodwa namhlanje upholishwe kakhulu, ukobhampa futhi uhlezi kuwo wonke amabhokisi ka ayisi; usengudeveli ofanayo. O, ya.

178 Ibandla lalivame ukuba yindawo engcwele, abantu babevame ukuba ngabantu abangcwele ababeya lapho, kodwa babuke namhlanje, bagqoke ngokufanayo, babukeka ngokufanayo, bahamba ngokufanayo, awukwazi ukwehlukanisa omunye komunye, futhi bonke nje beyinja edla inja.

179 Qaphelani, uma leyonyamazane idiye encane, uma isuka. . .Futhi sengiyavala manje; ngiqagele nicabanga ukuthi sekuyisikhathi. Kodwa lapho leyonyamazane idiye encane ingabaleka, kwenzekani lapho yopha na? Iyoma, ifanele ithole amanzi, yilokho uDavide akusho, "Njengendluzele yomela umfula wamanzi," ilimele, impilo yayo iyopha kuyo, "indluzele yomele umfula wamanzi, umphefumulo wami womele Wena, O Nkulunkulu. Uma leyonyamazane idiye encane ingakwazi ukuthola amanzi, izofa; kodwa uma ingathola amanzi, iyosinda kukho.

180 O Nkulunkulu, bengingathanda ukuthi wonke umphefumulo ophakathi lapha kulobubusuku ubungabona amanxeba kaSathane.

181 Manje zihlole, ngamunye, ubone ukuthi ukulimaze kuphi.

182 Wena uthi, "Kodwa, Mfowethu Branham, angihambanga yonke indlela."

183 Awu, mntwana, ulimele. Ngabe umphefumulo wakho womele uNkulunkulu na? "O Nkulunkulu, ngifanele ngiKuthole noma ngife, angikwazi ukuqhubeka ngaphandle kwaKho, Nkulunkulu. Angisakwazi ukudla, ngeke ngisalala, ngifanele ngibe naWe, Nkosi, noma ngibhubhe." Lapho iBandla lifika kulesosimo, uNkulunkulu uzobuyela eBandleni laKhe, uNkulunkulu uzoba seBandleni. "O, njengendluzele yomela umfula wamanzi, umphefumulo wami womela Wena, O Nkulunkulu."

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzu nje.

184 Nkulunkulu onomusa, buka kulezizethameli kulobubusuku sonke, Nkosi, ubone amanxeba nezibazi zezwe. Buka laba besifazane abancane bandla abahlezi lapha, Nkosi, buka lamadoda. Usizi olunje pho, ihlazo elinje pho, Nkulunkulu! Futhi mabazi ukuthi inceku yaKho, Nkosi, ebathandayo, impela, uma Ubuyongazisa imicabango yenhliziyo yabo, nezinto, ngesiphiwo ukubonakalisa uBukhona baKho, Ubuyongazisa ukuthi lomlayezo ubudinga ukufika kulobubusuku.

185 Nkulunkulu, yipha kulobubusuku ukuthi wonke umuntu phakathi lapha uzobona isidingo sabo, balimele, mhlawumbe abanye babo bangamalunga ebandla kade, izinwele eziphunguliwe, ubuso obupendiwe, amadoda avumela omkenu bahambe futhi babheme osikilidi, futhi, O Nkulunkulu, ibandla elilimele kanje pho! Umzimba ogula kanje pho!

186 Kwangathi bangoma khona manje, "O Nkulunkulu, ngithathe njengoba nginjalo, ngithethelele, Nkosi, ngivivinye kanye nje futhi. Ngizoqondisa, Nkosi, ngizolungisa izinto. Nginike ithuba nje." Siphe khona, Nkosi. Uma beyizinyamazane amadiye angempela, izinyamazane amadiye akho enhliziyweni yakho, impela bazoza emfudlaneni wamanzi manje.

187 Sisakhothamise amakhanda ethu, ngiyamangala, wena olinyazwe yilenja endala yasesihogweni, enibhavumulelile phansi emzileni wenu futhi yanifaka nonke esimweni esilungisiwe enikuso kulobubusuku, impela niyakubona. Uma ukholwa ukuthi uNkulunkulu uyawuzwa umkhuleko wami wokuphulukisa abagulayo, uthini ngomphefumulo wakho na? Ungeza lapha, ungixhawule futhi ume lapha, asikhuleke na? Wozani, ezansi kovulandi abasesitezi, ngaphandle kwesakhiwo, uyazi ulimele, ungasho ukuthi awunjalo, ukuba khona kwakho kuyakukhombisa ngisho.

> Njengoba nginjalo nje, ngaphandle koyedwa . . .

Ungeza lapha, ake ngikuxhawule?

> . . . ukuthi . . .

188 UNkulunkulu akubusise, dadewethu. UNkulunkulu akubusise. Abaqotho, abanenhliziyo eqotho. Inenekazi elincane elihlezi lapha, elibukeka lihlanzekile, inenekazi elincane, liyazi ukuthi li . . . Ubungama nje lapha umzuzu, dade na? Asi . . . Yehla nje ngqo. Kunjalo. Phuma kovulandi abasesitezi. Sizolinda.

189 Uyakholwa ukuthi ngikutshele iqiniso na? Phakamisa isandla sakho. Uyakholwa ukuthi ngisho lokho ukuba ngibe nonya na? Qhabo, mnumzane. Uma ngikwenzile, mfowethu, angifanele ukuma lapha, ngikutshelile ngokusuka enhliziyweni yami, uma ngazi ukuthi kuhlanzekile, ngikusho ngoba uyakudinga. Ningabantu abathandekayo, izolo ebusuku ninginike ingxenye yokuziphilisa kwenu ukuba ngondle abantwana bami ngakho. Nicabanga ukuthi bengiyoza lapha, ngibe ngumzenzisi ngokwenele ukuba ngilahle into ethize phezu kwakho ebingalungile na? Ngiza lapha ngoba ngixwayisiwe enhliziyweni yami, yingakho ngiza.

190 Manje, niyazi ukuthi ninecala, kufanele kube nenqwaba yenu eza lapha khona manje, uyazi ukuthi unephutha, zibuke, zicabangisise kabusha. Lokho kukini, uma nifuna ukuqhubeka, lokho kukini. Ngiyanxusa futhi nginikela kini uKristu, ngenkathi sisacula kanye futhi:

> Njengoba nje . . . (UNkulunkulu akubusise, mfowethu.)

[UMfowethu Branham ushiya imayikrofoni ukuxhawulana nabazisolayo, amaningi amazwi akhe awazwakali—Umhl.] . . . ? . . .

. . . OGazi lakhe lingahlanza ibala ngalinye,
O Wundlu likaNkulunkulu, ngiyeza! Ngi . . .

191 Uyavuma ukuvuma ukuthi unephutha na? Ngizwa ngiholeleka ukuba ngisho lokhu ngenkathi laba bemi lapha, amalunga ebandla: Ngithe, "Bodadewethu, angiqondile ukuba nonya."

Bathi, "UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Branham, yilokho ebesikudinga."

192 Kulungile, ubungakuthatha lokhu phambi kukaNkulunkulu kulobubusuku, ngamunye phakathi lapha na? "Jesu, ngibeke uphawu esimweni sami khona manje ngendlela engihleli ngayo, futhi makuthi imibono yami nayo yonke into ibe njengoba injalo manje. Lapho ngihlangana naWe ekwaHlulelweni, makuthi isimo sami esifanayo sibe khona manje uma ngihlangana naWe ekwaHlulelweni."

193 Kuthiwani ngalokho na? Uma ufuna uJesu akubeke uphawu ngendlela oyiyo nje manje, ukuthi imibono yakho, umcabango wakho, uma ungalahliwe kukho, Mvumele ahlangane nawe kanjalo, nalowomoya onawo nesimo manje ekwaHlulelweni, cabanga ngakho manje sisakhothamisa amakhanda ethu ngokuthula. Woza lapha, eGameni likaKristu, uma kukhona ukulahlwa emphefumulweni wakho noma ngayiphi indlela, woza lapha e-altare manje. MaMethodisti, wozani, maBaptisti, wozani, Pentecost, woza, iPresbyterian, iLuthela, amaNazarene, iPilgrim Holiness, iKatolika, noma ngabe uyini, woza. Lalelani, uMoya oNgcwele uphezu kwami, ungitshela ukuthi lendawo ifanele ime igcwele, futhi phansi naphezulu kulezizikhala zezihlalo. Manje yiba ngumahluleli.

Asikhuleke.

194 Nkosi, ngishilo lawomazwi ngenxa yokuthi ngizwe sengathi ngifanele ngiwasho, angikaze ngicabange ngawo ngaphambili empilweni yami, angikaze ngikuzwe lokho empilweni yami, unguMahluleli wami, Nkosi, kodwa ngikushilo ngenxa yokuthi ngiyabathanda lababantu, noMoya waKho ungixwayisile ukuba ngisho njalo. Bayathandeka, banomusa, bagcina umthetho, abanganaki kancane abaningi babo, nokho abantu abalungile, kodwa ngokubona, Nkosi, ukuthi ubumnyama manje ngalendlela bulenga kubantu, Nkulunkulu, baphakamise ezihlalweni zabo futhi ubakhiphele lapha ukwenza ukuvuma kwabo phambi kwaKho. Siphe khona, Nkosi.

195 Yizwa umkhuleko wenceku yaKho njengoba nginxusa futhi ngime sengathi ngiphakathi kwabaphilayo nabafile, nale el'khuni, intshumayelo esikayo esika iyothi ngqu emnkantsheni, kodwa Nkulunkulu yiba nguMahluleli wami, ngikushilo ngoba Ukubeke ezindebeni zami ukuba ngikusho. Abantu mabaqonde, Baba, manje nje.

Njengoba nginje, Wena uzokwemukela,

Ngizokwamukela, ngixolele, ngihlanze, ngikhulule;
Ngoba ngiyathembisa ngiyakholwa,
. . . Wundlu likaNkulunkulu, . . .

196 Kunjalo, kunjalo. Manje niyalalela.

Njengoba nginje, futhi ngilindile . . . (Lalelani lamazwi manje.) . . . ngingalindi
Ukususa umphefumulo wami (Wani na?) ibala elilodwa elimnyama,
Ku—kuWe, oGazi lakho lingahlanza ibala ngalinye,
O Wundlu likaNkulunkulu, ngiyeza! Ngiyeza!

Njengoba nje . . .

197 O, yileyo indlela, mfowethu, dadewethu, phuma ngqo, akunandaba ukuthi ukuphi, ukuthi ungubani, woza ngqo. Uma kukhona ibala empilweni yakho, lesi yisikhathi. Ngiyakwethembisa. UNkulunkulu uzokwenzela okuthile manje.

198 Bangaki kini abafuna uMoya oNgcwele futhi abangakaze baWemukele, namanje na? Lesi yisikhathi sakho. Silindile. Bayehla bephuma kovulandi abasesitezi nasemaceleni, bengena, bebuthana. Leli yihora lesinqumo sakho. Uzoza kuNkulunkulu futhi wenze ukuvuma okuyifeshini endala na? Uzoza futhi uthi, "Nkulunkulu, nginecala, nginecala lokwenza okungalungile, ngithethelele, Nkulunkulu, ngithathe ungiyise ekunakekeleni kwaKho nethemba laKho kulobubusuku, ngiyaKwethembisa, ngizoKukhonza"?

KuWe, oGazi lakhe lingahlanza ibala ngalinye,
. . . Ngiyeza! Ngiyeza!

199 Sisalicula kanye futhi, ngifuna abefundisi ukuba beze lapha emsamo. Bonke abefundisi olapha, yenyukelani lapha emsamo kanye nami umzuzu nje.

. . . nge- . . . ngaphandle kokunxusa okukodwa,
Kodwa ukuthi iGazi laMi lachithelwa . . .
Nokuthi Wena . . .

Uyalizwa leloPhimbo elincane likhuluma, likuyala na?

. . . za kuWe, (Manje hambani phambili ngqo nenyuke nizungeze izinhlangothi lapha.)

. . . Nginjalo, Wena uzo . . . (Buthanani ngqo ngakuloluhlangothi lapha . . . ? . . . )
Ngizokwamukela . . .

200 Seniqedile emuva lapho na? Uqinisekile ukuthi akukho lutho emphefumulweni wakho na? Phumani ezikhaleni zezihlalo uma ni—uma nithanda. Beningavele nikwenze khona lapha na? Ukuba-ke kulobubusuku ngubusuku bakho bokugcina

na? Uma-ke uba nokuhlaselwa yinhliziyo, noma okuthize, ngaphambi kokusa na? Ukuba-ke imoto yakho iyaphahlazeka kulobubusuku na? Ukuba-ke udokotela ufika kusesekuseni ekuseni, athathe ukushaya kwemithambo yakho, awusekho na? Woza manje, kwenze khona manje. Unga—ungagembuli ngomphefumulo wakho, mngane.

Njengoba nje . . .

201 Phezulu kuvulandi osesitezi, uma ucabanga ukuthi kukude kakhulu ukuhamba wehle, yima ngezinyawo zakho, sukuma nje, uthi, "Nkulunkulu, nginokuthile emphefumulweni wami." UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Lalela, ungahle ukuba wenze into enkulu eningi empilweni yakho, mnumzane, kodwa lowo ngumnyakazo omkhulu kunayo yonke owake wawenza. Uyindoda ngokwenele! Nginokukwethemba ukuba usukume bese uthi, "Nginephutha, Nkulunkulu, ngithethelele." Amadoda azoma . . .

202 UNkulunkulu akubusise, nenekazi eliselincane, nawe, wena, mnumzane, nxazonke. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Kunjalo. Sukuma uma uzwa ukuthi unephutha, sukuma, uthi, "Nkulunkulu, ngine—nginephutha, nginamahloni ngami uqobo, manje ngifuna ukuvuma izono zami, ngi—ngifuna ukulungisana noNkulunkulu." Niyakuzwa ukukhala nokukhala izinyembezi, imimoya ephukile na? "Ohamba ehlwanyela ngezinyembezi ngokungangabazeki uzobuya futhi ethokoza, eletha izinyanda eziyigugu."

203 Yimani manje, wonke umuntu. Manje phakamisani izandla zethu futhi ngamunye wenze lokhu: Yenza lomkhuleko, uthi, "Nkulunkulu, nginamahloni ngami. Ngiyaxolisa ukuthi ngenze *lokhu*. Ngisize, Nkosi, ngithethelele. Nginecala, susa lelocala. Uma ngiphuce izinwele zami, ngizoziyeka zikhule futhi, ngomusa waKho. Ngizogeza ubuso bami kulento kapende futhi ngingaphinde ngikufake futhi. Angisoze ngagqoka lezo ezibukeka zingcolile, izingubo ezindadlana futhi, ngizozigqokisa njengenenekazi. Ngizoziphatha njengendodakazi kaNkulunkulu, nakuba ngilapha ezweni lapho konke kwehlukile, njengoba sasinjalo lesosigqila." Abantu abaxakile, izinto ezixakile.

204 Kuthiwani ngani madoda na? Nina bafana nezintombi zenu, nina mantombazane nesoka lenu, uma ningabantwana bakaNkulunkulu, ziphathe njengabantwana bakaNkulunkulu, wehluke, izwe lifuna ubone lokho . . . lifuna ukubona lokho kuwe. Manje asiphakamise izandla zethu futhi sicela uNkulunkulu ukuba asithethelele, ngamunye nezandla zabo ziphakeme.

205 Sisakhothamisa amakhanda ethu, ngizocela umfundisi lapha, umfowethu lapha, uma ezoza asihole ngomkhuleko, uMfowethu MacLeod, enye yamadoda endawo lapha.

Kulungile. Asikhothamise amakhanda ethu sisabheke kuNkulunkulu manje. Yiba qotho, ungangabazi. UNkulunkulu uthembise ukunithethelela, futhi lokho Uzokwenza. Kulungile. Asikhothame manje ngenkathi uMfowethu MacLeod enikela umkhuleko.

206 [UMfowethu McCloud uyakhuleka—Umhl.]

[Baba wethu waseZulwini,] O Nkosi! [SiyaKubonga ngeZwi laKho] Yebo, Nkosi! [Usiphe ngomusa kulobubusuku] O! [ngoMfowethu Branham. Nkosi, siyakholwa ukuthi Liyakuthola umhlabathi ovundile kulobubusuku.] Siphe khona, Nkosi! [Futhi Liyakuthela isithelo, Nkosi, ukuthi lemvuselelo iMelika eyidingayo, lemvuselelo ebesiyikhulekela iNew England izakuqala kulobubusuku, Nkosi,] Siphe khona, Nkosi, kuyo yonke inhliziyo. Siphe khona, Nkosi! [ukuthi abantu baKho, ababizwa ngeGama laKho, baqale] O, Nkulunkulu! [ukuvuma izono zabo futhi baphenduke ezindleleni zabo ezimbi, ukuthi Uzophulukisa izwe lethu—lethu.] Yebo, Nkosi! Siphe khona kulobubusuku! [Nkulunkulu, ngiyakhuleka kulobubusuku ukuthi ngamunye wethu, Nkosi, ukuthi sizakuzithoba sengathi asikaze sizithobe ngaphambili. Nkulunkulu, sihlanze kulobubusuku ezonweni zethu ezimbi, ezindleleni zethu ezimbi, ekuzuleni kwethu, ekuhlubukeni kwethu. Hlola izinhliziyo zethu, vivinya imicabango yethu futhi usihlanze ngeGazi laKho eliligugu. O Nkulunkulu, kulobubusuku sivumelana naWe, Nkosi . . .]

